

UMSHADO WEWUNDLU



Ngiyabonga, Mfowethu Edmonds. INkosi ikubusise.

Sanibona kusihlwa, bangani. Ngokuqinisekile kuyinhlanhla futhi kulobubusuku ukuba lapha eFellowship Tabernakele. Ngenkathi ngidlula, ngalentambama, futhi ngabuka lapho lalikhona, futhi ngibone igama “Inhlanganyelo,” lokho kungenelise kahle nje. Ngiyakuthanda lokho, Mfowethu Edmonds. Inhlanganyelo, yilokho esikholelwa kukho.

² Umngane wami omdala, osanda kuya ekhaya ukuba abe neNkosi, abaningi benu ngahle ukuba bamazile, uDkt. F. F. Bosworth. Abaningi benu. Wayelapha ePhoenix, ngiyakholwa, kanye nami ngesinye isikhathi, umphefumulo oliqhawe kakhulu. Futhi wayeyi... wayene—i... Wayeyindoda endala engcwelisiwe, kodwa wayenamancoko. Futhi wathi kimi, kanye, wathi... Ngaqhubeka ngikhuluma ngenhlanganyelo. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini inhlanganyelo na?”

Ngathi, “Awu, ngicabanga kanjalo, Mfowethu Bosworth.”

³ Wathi, “Ngabafo ababili emkhunjini owodwa.” Ngakho-ke, lokho kuthi akube yikho, ukwabelana igumbi omunye nomunye.

⁴ Futhi ngibone abaningi benu bephakamisa izandla zenu, ngokwazi uMfowethu Bosworth. Kungukuthi—ukuthi benimazi, ngingathanda nje ukukhuluma izwi lezikhathi zakhe zokugcina lapha emhlabeni. Bengimazi isikhathi esithile. Futhi wayephandle lapha eshumayela iVangeli futhi ekhulekela abagulayo, ngaphambi kokuba ngizalwe. Ngakho ningabona ukuthi wayemdala kangakanani. INkosi yamvumela apha, ngiyacabanga, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, into enjengaleyo, futhi esalokhu eyindoda endala eyiqhawe ngenkathi efa.

⁵ Ngesikhathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, ngikhulwa ukuthi kwakuyiwo, yena nami sasise... ngiyakholwa, i-Edgemont Hhotela eMiami. Futhi sasikade sinesethu—isidlo sethu sakusihlwa, futhi saphuma saya ogwini lolwandle lapho amagagasi ayengena khona, ukubuka inyanga iphuma. Futhi ngangilapha, iminyaka engaba ngamashumi amane ubudala, amahlombe ami aqhotha, ngihamba ngaphandle kanjalo. Futhi yena, cishe amashumi ayisikhombisa nanhlanu, eqonde thwi ngakho konke. Futhi ngambheka, futhi ngamthakasela. Ngase ngithi, “Mfowethu Bosworth, ngifuna ukukubuza umbuzo.”

Wathi, “Qhubeka, Mfowethu Branham.”

Ngase ngithi, “Sasinini isikhathi sakho esizedlula zonke na?”

6 Wathi, “Khona manje.” Awu, khona-ke, ngazizwa nginamahloni ngami. Futhi wathi, “Uyakhohlwa ukuthi ngingumntwanyana nje, ophila endlini endala,” washo. Futhi lowo kwakunguMfowethu Bosworth.

7 Lapho ngizwe ukuthi wayezohlangana neNkosi, ngacishe impela ngashisa amathayi aphela emotweni yami, ngehlela eMiami, ukuyombona. Futhi lapho unkosikazi nami sesifike lapho. . . Futhi umndeni kaBosworth nomndeni wethu beyikade ingabangani abakhulu. Futhi sangena. Ukhokho omdala elele osofeni owumbhede omncane. Futhi wayekade evukile, ikhanda lakhe elincane elinempanzela, ezincane, izingalo ezizacile zibambelele kimi, *kanjalo*. Izinyembezi zigijima zehla ezihlathini zami. Ngamxhakathisa ngezingalo zami, futhi ngakhala, “Baba wami, baba wami, izinqola zika-Israyeli nabamahhashi azo!” Ngoba, uma kwake kwaba khona indoda endala eyayilokhu ibeke isithunzi emnyakazweni wePentecostal, kwakunguMfowethu Bosworth. Ngokuqinisekile wayenjalo. Wayeyimbali enkulukazi.

8 Futhi niyazi, into yokuqala afuna ukuyenza, ngukungitshela ihlaya elincane, *kanjalo*, niyazi.

Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, uzosinda na?”

9 Wathi, “Qhabo, Mfowethu Branham. Angiguli, kwasekuqaleni nje.” Wathi, “Ngiya eKhaya nje.”

Ngathi, “Awu, kuhle kakhulu.”

10 Sasisanda nje kuvela emasimini obuthunywa benkolo e-Afrika, yena nami. Wathi, “Ngimdala kakhulu nje ukuba ngiphile isikhathi eside.” Wathi, “Ngiya eKhaya.”

Ngathi, “Mfowethu Bosworth, yini ongathanda ukungiyala ukuba ngiyenze na?”

11 Futhi wathi, “Hlala neVangeli.” Wayesethi, “Buyela emasimini obuthunywa benkolo ngokushesha ngangongakwenza.” Wathi, “Lokho kungaba iseluleko sami.”

12 Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, okunye okukodwa futhi engingathanda ukukubuzisa khona.”

Wathi, “Kuyini lokho, Mfowethu Branham na?”

13 Ngathi, “Manje, ufake cishe iminyaka engamashumi ayisithupha wenzela iNkosi, enkonzweni, noma mhlawumbe ngaphezulu.” Futhi ngathi, “Isiphi isikhathi sakho esijabulisa kunazo zonke empilweni na?”

Wathi, “Khona manje.”

Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, uyazi ukuthi uyafa na?”

14 Wathi, “Ngeke ngife. Ngafa eminyakeni eminingi edlule.” Futhi ngi. . . Wathi, “Mfowethu Branham, konke engikuthandile

futhi ngakukhathalela iminyaka engamashumi ayisithupha edlule, ngilindele Yena ukuba avule lowo mnyango nganoma yisiphi isikhathi futhi eze, angilande.”

Ngicabanga ngalelo, *IHubo LokuPhila*.

Izimpilo zabantu abakhulu zonke
ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Futhi ukwehlukana, sikushiya emva kwethu
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

Futhi ngokuqinisekile washiya amanyathelo, kimi.

¹⁵ Ngaphambi kokuba afe, noma a pa...waya eNkazimulweni, cishe ihora elilodwa, noma mhlawumbe ngaphezulu, ngaphambi kokuba ashone. Wayethe ukulala amahora ambalwa; nomkakhe, amadodana akhe, abathandekayo bemi bezungezile, futhi indoda endala yavuka, yaqalaza, yaphakama, futhi yagijima yanqamula iphansi, futhi yaxhawula unina owayesehambe iminyaka eminingi, noyise. Futhi ngaphezu kwehora, waxhawula abantu, ethi, “Lo nguMfowethu John. Yebo, weza kuKristu emhlanganweni wami eJoliet, e-Illinois. Nangu uMfowethu...” Exhawula abaphendukileyo bakhe ababekade seabdlula, bahamba iminyaka eminingi.

¹⁶ Ngi—ngiyanitshela, ngezinye izikhathi ngikhulwa ukuthi ngehora esidlula ngalo kulomhlaba singena komunye, ngiyakhulwa ngesikhathi esithile lapho...Umfula uzobanzima ukuwuwela, noma kunjalo, niyazi. Ngiyakhulwa mhlawumbe iNkosi ithi kwabathandekayo bethu, “Yehlela emfuleni bese uhlangana nabo ezansi lapho.” Ngokuba njengoba uJakobe asho, siyohlangana nabantu bakithi ngolunye usuku.

¹⁷ Nami futhi ngibheke lolo suku oluzayo. Futhi-ke lapho ngiqeda ngalokhu kuphila lapha, noma uNkulunkulu eqeda ngami lapha, futhi ngiyabona ukuthi ngithathe sonke isikaniso ebengingakwazi, ngadabula isixhanti sameva, futhi ngaqombola onke amagquma, ngifuna ukubuka emuva, ngibone lapho kade ngikhona, lapho ngehlela emfuleni.

¹⁸ Bengihlale ngithi, njengabafo abangamakhaladi lapha, baneculo elincane abaliculayo, “Angifuni nkathazo emfuleni.” Ngifuna ukuthola konke kuqondisiwe manje.

¹⁹ Nje mhlawumbe ngibuyisele inkemba emgodleni, futhi ngikhumule umakalabha, bese ngiwubeke phansi ogwini, futhi ngiphakamise izandla zami, futhi ngimpopoloze, “Khiphela ngaphandle isikebhe sokukuhlenga, Baba. Ngiza ekhaya kulokhukusa.” Uzoba lapho. Ungakhathazeki. Ngiyakhulwa lokho. Ngicabanga ukuthi lokho isifiso sawo wonke senhliziyo yethu.

²⁰ Manje, kuyinhlanhla ngempela ukuba lapha kulobubusuku nalomelusi othandekayo nebandla lakhe, nalomsebenzi omuhle, nalaba abagongobele kuKristu, kulamaphethelo ePhoenix. Ngokuba, ngokweqiniso, singabagongobali. Singabahambi nezihambi lapha. Sifuna uMuzi.

²¹ Njengoba bengikhuluma kulokhukusa ezansi etabernakele likaMfowethu Fuller, eNzalweni yaseBukhosini. Manje, uma nineziqophi zeteyipu, angizange ngikubalule. Kodwa kukhona okwenzekile kulokhukusa, lokho mina...Uma unesiqophi seteyipu, uma uthola enye yamateyipu, ngiqinisekile ungayithakasela. UMfowethu Maguire unawo, ne*Nzalo yaseBukhosini Ka-Abrahama*.

²² Niyabo, inzalo ka-Abrahama kwakungu-Isaka, ongumJuda, wemvelo. Kodwa iNzalo yaseBukhosini kwakunguKristu, ngesithembiso, futhi lowo Kristu wayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Futhi kusenhliziyweni yethu namhlanje njengoba thina... “Uma Mina... Nihlala kiMi, neZwi laMi likini, khona-ke celani enikuthandayo, niyakukwenzelwa.”

²³ Manje, ngizwakalise lokho, okwePhoenix, izikhathi eziningi kusukela ngilapha... Isikhathi sami sokuqala ngiza kwakuyiminyaka engamashumi amathathu nanhlanu edlule. Futhi enhla ku 16th noHenshaw, ngahlala, ngasebenza kwaCircle R Ranch phandle lapha, ngaphandle kwaseWickenburg. Futhi ngahamba nentombazane encane lapho ku 16th noHenshaw. Ngaya kofuna indawo ngolunye usuku, futhi akusesiyo ngisho iHenshaw nhlobo. IBuckeye manje. Futhi yidolobha elikhulu khona ngqo endaweni kamasipala omkhulu wasePhoenix lapha. Konke kuguqulwe kanjalo.

²⁴ Futhi unkosikazi mami senyukela kuSouth Mountain, ukubheka emuva ngaleya ePhoenix. Ngacabanga, cishe eminyakeni engamakhulu amathathu edlule, lapho mhlasi embe kwakungekho lutho lapha ngaphandle kwamakoyote, icactus, nokunye nokunye. Futhi manje sekuyidolobha elikhulu elihle kakhulu. Manje, ngathi, “S’thandwa, ngabe kuguquliwe noma kuphendukeyelwe na? Ungasebenzisa ukukhetha kwakho. Kimi, kuphendukeyelwe manje. Ngoba, lezi zakhiwo ezinkulu nezakhiwo ezinhle ziyoba kahle uma amadoda nabesifazane bebehamba behla benyuka ezitaladini, nezandla zabo ziphakamele kuNkulunkulu, bedumisa uNkulunkulu, nabafowethu nodadewethu bephila kanjalo; esikhundleni sokuphuza, ukugembula, ukubhema, ukuqamba amanga, ukweba, amajoyinti kabhiya, konke lokho okubi. Phakathi kwakho konke lokho, nakuba...”

Khona-ke unkosikazi wathi kimi, “Khona-ke, Billy, uzokwenzani lapha na?”

25 Ngathi, “Kodwa, s’thandwa, selokhu besihlezi lapha, imizuzu eyishumi nanhlanu, mangaki amanga ashiwo kuleso sigodi na? Zingaki izifungo ezithathiwe, iGama leNkosi ezeni na? Bangaki osikilidi, kungaki ukuphuzwa kukagologo, kungaki ukuphinga okwenziwe, nakho konke ngalapho, nje esikhashaneni esincane sokugcina, ngenkathi siselapha na?”

Wathi, “Lokho akukubi na?”

26 Kodwa ngathi, “Nakho esikukhonela lapha, s’thandwa. Mingaki imikhuleko ethembekileyo ekhuphukile selokhu sibe lapha na? ‘NingukuKhanya kwezwe.’ Yilokho esikukhonele lapha, ukubambisana nalamabandla amancane lapha, senze konke esingakwenza, ukulisiza liqhubeke. Ukuba yi . . .”

27 Nina nonke, nina bangcwele, niyisibusiso kimi. Ngithemba ukuthi ngizoba yisibusiso kini, ngokuvakashela lapha. Futhi mina, lapho ngithola ukuthi ngizovakashela amahlelo ehlukene nezinhlango, na—namabandla ehlukene, nokunye nokunye, abazalwane basesigodini sonke sasePhoenix lapha, inhliziyo yami yaxhuxhuma. Lokho kuza ngaphambi kwengqungquthela engizokhuluma kuyo, engqungqutheleni yeChristian Business Men nge, ngiyacabanga, ngesidlo sasekuseni sangoMgqibelo ekuseni, bese kuba umhlangano wangeSonto ntambama, ukulandela, ngaleloSonto elilandelayo. Futhi njalo kuyinhlahlala ukuhlangana nalabo bazalwane. Ngicabanga ukuthi banezihlalo ezingaba ngamakhulu angamashumi amabili nanhlanu lapho. Kuzoba negumbi lokuhlala eliningi kakhulu lethu sonke. Futhi sithemba ukuhlangana nani lapho.

28 Futhi-ke ukuba nalesi sikhathi senhlanganyelo, ukuhamba ngisuka ebandleni ngiya ebandleni, futhi ngikhulume. Ngicabanga ukuthi ngishumayeke kulokhukusa ngaze ngashumayela ngasha izwi, cishe ihora nesigamu. Futhi leyo bekungemfushane. Ngokuvamile angiphumi ngaphambi kwamahora amathathu noma amane akho, e—ebandleni ekhaya. Nje ngi . . . Angisiyena umshumayeli. Ngakho ngi—ngenza umsindo ojabulisayo eNkosini. Ngiyathanda ukukwenza kahle kakhulu. Ngicabanga ukuthi ngiyawuthanda nje, ngakho ngiyaqhubeka nje ngiwenza. Ngibe nokuzwakalisa okwehlukene okune noma okuhlanu, ngibamba abantu kwedlule isikhathi kakhulu, ngakho ngiyazi ukuthi lokho yiqiniso. Futhi kulobubusuku, ngokwethembeka, sizophuma lapha ngaphambi kwehora lokuqala nqo. Mina, ngizocishe impela nginiqinisekise ngalokho. Nje ngi, cishe impela . . . Umoya womuzwa omuhle kanje pho, nakho konke kuthandeka kakhulu, ngiqinisekile ukuthi uMoya oNgcwele uyoba nesibusiso kithi.

29 Manje, manje angizange ngibe nezinkonzo zokuphulukisa emihlanganweni. Mina . . . Ngobunye ubusuku, ezansi kwamfowethu . . . Jesus’ Name, kwakungubani umelusi

na? UMfowethu Outlaw. Ibandla likaMfowethu Outlaw, kwakukhona abaningi kakhulu lapho ababefuna ukukhulekelwa. Futhi ngathola indodana yami ukuba inikezele amanye amakhadi omkhuleko. Kwase kuthi-ke ubusuku obuthi abube bubili, uMoya oNgcwele uwela esakhiweni kakhulu, kuze... Nonke niyazi. Nibe semihlanganweni yami. Nonke nibekhona. Uyabona ukuthi ukubona okufihlakeleyo kunjani, nokunye nokunye. Kodwa manje ngiye ngaqaphela kwandisa abaningi ukuba bakhulekelwe. Futhi ngiqaphelile lowo owokuqala, ngokuqala koLwesithathu noLwesine. Ngicabange ukuthi ngizolinda kuze kube ngemva kweSonto, ngoba uma unezinkonzo zokuphulikisa ebandleni . . .

³⁰ Niyabo, ngi—ngimemezele yonke indawo engiyihambile ukuba wonke umuntu ukuba ahlale emsebenzini wakho omiselwe ngeSonto, niyabona. Lemihlangano ekhethekile ingukuvakasha nabazalwane nje. Futhi si—sifuna wonke umuntu ukuba agcine indawo yakho yomsebenzi, ngoba umelusi wakho ukulindele, futhi yilapho ofanele ube khona.

³¹ Ngakho-ke-ke ngiyacabanga, kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, angi... Sizoba kuphi kusasa ebusuku na? [UMfowethu futhi, “Ngaleya eTempe, ebandleni likaMfowethu O’Donnell.”—Umhl.] UMfowethu O’Donnell, eTempe, e-Arizona. Manje, uma ungenayo noma iyiphi—noma iyiphi into ekhethekile eqhubekayo ebandleni lakho, futhi unabantu abagulayo, ngani, ngizokhulekela abagulayo, kusasa ebusuku, nje ngibe nomugqa womkhuleko ojwayelekile, ngikhulekele abagulayo, mhlawumbe—mhlawumbe ngoMsombuluko, ngoLwesibili. Ake sibone, ngifanele... Ngi... O, ngine... Nginalo yini ibandla ngoLwesithathu ebusuku na? [“Yebo.”] NgoLwesithathu ebusuku. Khona-ke yi . . .

³² Futhi iqala ngoLwesine, ingabe kunjalo, ingqungquthela na? [UMfowethu uthi, “Ngithi ukuthola izinto . . . ? . . .”—Umhl.] Kulungile, mfowethu. Uzokwenza isimemezele manje. [“Niyabo, silapha kulobubusuku. Futhi kusasa ebusuku siseTempe Assembly of God. Bese-ke kuba iMountain View eSunnyslope zingamashumi amabili nantathu. Futhi-ke e-Central Assembly zingamashumi amabili nane.”] Kulungile, kukahle. [“Angisakhumbuli, mina uqobo. Ngithi ukuxovaxoveka ngakho.”] Ungacabangi ngalokho.

Ngangikhuluma ngelinye ilanga, mayelana, “Angisakhumbuli.”

³³ Futhi uMfowethu Jack Moore wathi kimi, wathi, “Ucabanga ukuthi ukabi na?” washo.

³⁴ Ngathi, “Mfowethu Jack, ngiyokhuluma, angikhumbuli nje lokho ebengikhuluma ngakho.”

³⁵ Wathi, “Ungacabangi ukuthi lokho kubi.” Ngathi, “Ngishaya ucingo, ngishayeke ucingo omuny’umuntu, ngithi, ‘Ufunani?’” Awu, lokho kuba kubi impela! . . . ? . . . O!

³⁶ Ngakho-ke, he, lokho kungahle kuzwakale kuyihlaya, engicabanga ukuthi akulungile ukukusho epulpiti lapha. Kodwa abantwana bakaNkulunkulu bangabantwana abajabulayo, empeleni, niyazi, ngakho si—siyathanda nje ukukwenza. Ngacabanga ukuthi kwakuthi ukuba kuhle.

³⁷ Nina nonke, abaningi benu, niyamazi uMfowethu Jack Moore. Uvela eShreveport, eLouisiana, eLife Tabernacle, umfowethu omuhle kakhulu. Futhi ngakho wayengitshela lokho. Ungasonkontileka, futhi.

³⁸ Wathi, “Ungacabangi ukuthi lokho kubi, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngashayela omunye ucingo ngolunye usuku, futhi ngabiza inombolo yabo.” Futhi wathi, “Baphendula, bathi, ‘Helo.’ Ngathi, ‘Awu, ufunani?’”

Ngacabanga, “Awu, lokho kwehlele le ezansi, Mfowethu Jack.”

³⁹ Ngakho-ke manje, ngicabanga ukuthi kuyoba kuhle, futhi laba bangani abafuna ukuba bakhulekelwe, futhi bangenise abantu bakubo abagulayo, khona-ke sizobakhulekela.

⁴⁰ Manje, kulobubusuku, ngiye ngacabanga ukuthi bengizothini kulobubusuku enhla lapha kuleli bandla elincane elithandekayo. Ngicabangile, “Awu, angazi ukuthini.” Ngifanele nje ngithathe indikimba encane, futhi ngethembe ukuthi iNkosi izohlenganisa amagama ndawo ndawo, futhi alenze liwele lapho lizosiza othile. Ukuba . . . Angikaze ngizame ukuthatha indikimba. Ngizama njalo ukuzizwa ngiholwa, bese ngibhala phansi isigejane semiBhalo, nokunye nokunye. Futhi—futhi-ke, uma iNkosi iholela ngokwehlukile, khona-ke ngihamba njengoba Ehola. Futhi ngicabanga ukuthi yileyo ndlela okufanele sonke siyenze. Aninjalo na? Wenze ngendlela efanayo.

⁴¹ Futhi manje kukhona into eyodwa e—engi—ngiyifunayo, ngamunye webandla amemezele lokhu kuwo wonke umzimba wendawo. Futhi lokho ngukuthi, ukuthi uma . . . Uma usuqedile ukukhulekela umelusi wakho nabathandiweyo bakho, ungangilibali, ngoba ngiyaqonda, nsuku zonke, kunanini ngaphambili, ukuthi sehlele ekupheleni komgwaqo.

⁴² Futhi ngisanda kungcwaba umama wami, emavikini ambalwa edlule. Futhi ngambamba ngezingalo zami kwaze kwaba uNkulunkulu esethathe umoya ophefumulwayo nomphefumulo wakhe waya eZulwini. Ngabukela lokho kufa okunobuqhawe kowesifazane ogcwaliswe ngoMoya oNgeweke, futhi ngimbona eza ngqo ekupheleni komgwaqo. Ngacabanga, “O, ngi—ngifanele ngibe nawo wonke umama onjalo. Ngifanele nje ngenze okuthile ukuze ngithole . . . ngenze

konke engingakwenza, ukuthola abantu ukuthi babone ukuthi kusho ukuthini ngempela.”

⁴³ Futhi, bangani, ngikhohisekile ukuthi mhlawumbe kujulile kancane. Futhi ngicabanga ukuthi sikuthatha kalula kancane kakhulu kunalokho okuyikho ngempela. Ngicabanga ukuthi sifanele sikhumbule. Uma uNkulunkulu engewele kakhulu kuze kuba iziNgelosi zibukeka zingcolile ekuboneni kwaKhe, sibukeka kanjani na? Niyabo? Kunjalo. Ngakho sifuna ukukhumbula. Futhi khumbulani, uNkulunkulu uhlela indlela lapho ePhakadeni, ekhanya ukwedlula onke amalanga ohlelweni lwelanga. “Ingcwele, ingcwele, ingcwele,” iziNgelosi zimboze ubuso ngamaphiko azo, nangaphezu kwezinyawo zazo, zindiza eBukhoneni baKhe, zikhala, “Ingcwele.” Yini ebesifanele sibe yiyo na? Ngakho thina . . . Yilokho esizama ukukwenza.

⁴⁴ Futhi—futhi ngizizwela ngathi ukuthi lokhu, uMbuso kaNkulunkulu, ufana nomuntu owathatha inetha futhi waya olwandle, uJesu washo, futhi wayiphonsa phakathi. Futhi lapho esedonsile, wathatha izinhlobo eziningi. Kodwa inhlanzi enhle, kusobala, yagcinwa; futhi enye inhlanzi engumthuthambi yabuyiselwa emanzini, njengesikhuphashe, ne—nezinyoka, izibankwa, namateraphini, nokunye nokunye. Kodwa amanetha eVangeli abamba konke kwakho. Futhi si . . . Kuyoba khona ngolunye usuku kuyoba isikhathi esiyophonsa inetha lethu lokugcina, Mfowethu Adams. Kunjalo. Akusiwe noma mina oshoyo ukuthi yiyiphi inhlanzi futhi ikuphi okungasiyo. Asazi. Siphonsa inetha nje bese siyalidonsa. Yilokho kuphela. UNkulunkulu uyabazi abaKhe. “Labo Abazi ngaphambili, Wababiza; nalabo Ababizile, Ubalungisisile; nalabo Abalungisisile, Ubakhazimulisile.” Ngakho silindile, nje siphonsa inetha. Futhi kuyinhlanhla yami kulobubusuku ukuma ebandleni likaMfowethu Edmonds lapha ukusiza ukuphonsa inetha kule ndawo, ukubona ukuthi kukhona noma yiyiphi inhlanzi uNkulunkulu anayo ngoMbuso waKhe.

⁴⁵ Manje, ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi, ake sikhulume noMqambi weZwi kancanyana nje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

⁴⁶ Namakhanda ethu ekhotheme, ngobungcwele balo mzuzwana, ukuthi sisondele eZwini likaNkulunkulu ophilayo, elinguNkulunkulu, ngiyazibuza uma bekuyoba khona abantu phakathi lapha onezicelo ezinhliziyweni zabo, ukuthi bangathanda ukukhunjulwa kulo mkhuleko. Kwazise ngesandla esiphakanyisiwe.

Nkosi Jesu, bheka izethameli, wazi yonke inhliziyiyo.

Ngiyabonga.

⁴⁷ Nkulunkulu omkhulu onomusa nongcwele, uSomandla, u-El Shaddai, owabonakala ku-Abrahama eGameni lika “Somandla, uNkulunkulu onamabele, uMnikezeli-mandla,

uMondli wababuthaka,” woza kithi kulobubusuku, Baba. Futhi siyabuqonda ubuthakathaka bethu namaphutha ethu. Sivuma izono zethu phambi kwaKho, futhi sizibeka e-altare laKho lethusi lesahlulelo, futhi sicela ukuthi iGazi likaJesu Kristu lizisuse, emhlatshelweni esiwenzayo. Siphe khona, O Nkulunkulu.

⁴⁸ Siletha izimpilo zethu nakho konke esinakho, nalelo thalente elincane esinikwe lona. Nkosi, lisebenzisele enkazimulweni kaNkulunkulu.

⁴⁹ Busisa leli bandla, umelusi walo othandekayo, abadikoni, abaphatheli, nalo lonke ibhodi, nalo lonke ilunga eliza kuleli bandla elibizwa nge “Fellowship.” Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi amadoda nabesifazane, njengoba bengena ngalowo mnyango walendawo, ukuthi bazowa ngaphansi kokuphenduka ngenxa yokuyala okuthandekayo kukaMoya oNgcwele ngaphakathi kwesakhiwo. Siphe khona, Nkosi.

⁵⁰ Sithethelele izono zethu, neziphambeko zethu, siyacela futhi. Khumbula labo lowo ophakamise izandla zabo. Phansi ngaphansi kwaleso sandla, Nkosi, bekuyinhliziyi icela okuthile kuWe, futhi mhlasimbe mhlawumbe nguWe kuphela ongasinikeza. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona, Baba. Noma yini abanesidingo sayo, banike khona ngokuchichima. Kukhona noma ngubani ogulayo, Nkosi, baphilise. Uma kukhona noma ubani ongakwazi ukuqhubeka, qinisa lowo, lelo dolo elibuthakathaka. “Umhlanga ofecekileyo, Akayikuwaphula, noma umongo Akayikuwucima.” Futhi siyazi ukuthi ngeke Aphenhula umhlanga ofecekileyo; Ubeyowulungisa. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, uma kubakhona noma yiyiphi imimoya eyaphukileyo, noma—noma edikibele, noma izandla ezibuthakathaka zilengela phansi, namadolo abhajiwe, kwangathi bangaphakanyiswa kulobubusuku, Nkosi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza futhi uphilise izinhliziyi zethu nemimoya, nemizimba yethu, futhi sizoMnika lonke udumo ngakho. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁵¹ Uma ungathanda ukuphenya emBhalweni, cishe nje inkulumbo yemizuzu engamashumi amathathu, ngingathanda ukuba nifunde nami kuvela encwadini yeSambulo, isahluko 19. Futhi ngingathanda ukufunda kwehlele evesini 7, nalo.

*Emva kwalokho ngezwa kungathi izwi elikhulu
lesixuku esikhulu ezulwini, lithi, Haleluya;
Insindiso, . . . inkazimulo, nodumo, namandla,
ngokweNkosi uNkulunkulu wethu,*

*Ngokuba ziqinisile futhi zilungile isahlulelo zakhe:
ngokuba isifebe esikhulu usahlulele, esonakalisa
umhlaba ngobufebe baso, uliphindisele igazi lezincedu
zakhe esandleni saso.*

Bathi ngokwesibili, Haleluya. Nomusi waso wenyuka kuze kube phakade naphakade.

Ayesewa phansi amalunga angamashumi amabili nane nezidalwa ezine bakhuleka kuNkulunkulu ohlezi esihlalweni sobukhosi, athi, Amen; Haleluya.

Kwase kuphuma izwi esihlalweni sobukhosi, lithi, Dumisani uNkulunkulu wethu, nonke nina zinceku zakhe, nina enimesabayo, abancane nabakhulu.

Ngase ngizwa kungathi izwi lesixuku esikhulu, linjengezwi lamanzi amaningi, nezwi lokuduma okunamandla, lithi, Haleluya: ngokuba iNkosi uNkulunkulu uSomandla iyabusa.

Masithokoze sethabe, futhi masimnike inkazimulo: ngokuba umshado wewundlu ufikile, nomkalo uzilungisele.

⁵² Thanda ukukhuluma kulobubusuku ngendaba ethi: *UMshado WeWundlu*, okwemizuzwana embalwa nje uku... Siwejwayele kakhulu lomBhalo. Akungabazeki kodwa umelusi wakho othandekayo lapha uke wabhekana nalendaba izikhathi eziningi.

⁵³ Futhi, ukuthi, siyazi ukuthi kuzobakhona uMlobokazi, futhi kuzobakhona isidlo sakusihlwa somshado esiyophakwa ezibhakabhakeni. Lokhu kuqiniseke ngakho konke, njengoba uNkulunkulu enjalo, ngoba yiZwi laKhe. Futhi siyazi ukuthi labo abayokwakha lowo Mlobokazi uzoba iBandla laKhe, futhi bazovela phambi kwaKhe ngale kwesihla noma umbimbi. Futhi banempahla emhlabeni manje ukuze bazilungiselele. Uma niqaphela, Lathi, “Uzilungiselele.”

⁵⁴ Ngakho abanengi uthi, “Uma iNkosi izosusa lomoya omubi kimi, ekuphuzeni, noma ekugembuleni, noma ekuqambeni amanga, noma ekwebeni, ngizoYikhonza.”

⁵⁵ Kodwa lokho kukuwe. Niyabo, ufanele wenze okuthile, nawe. “Labo abanqobayo bayakuzuza ifa lakho konke.” Labo abanqobayo. Unamandla ukukwenza, kodwa ufanele uzimisele ukukubeka phansi. Niyabo? “Uzilungiselele.” Ngiyalithanda leloZwi.

⁵⁶ Niyabo, uNkulunkulu ubengeke asifuqe sidlule epayipini elincane, asidonse siphume ngakokunye ukuphela, bese ethi, “Ubusisiwe onqobayo.” Awubanga nalutho ukulunqoba; Uvele nje wakufuqa wadlula. Kodwa ufanele uzenzele izinqumo. Ngifanele ngizenzele izinqumo. Ekwenzeni lokho, sibonisa ukholo lwethu nezinhlonipho kuNkulunkulu.

⁵⁷ U-Abrahama wathenjiswa umntwana, kodwa kumele agcine lesi sithembiso iminyaka engamashumi amabili nanhlano, ukwehla nokwenyuka ayenakho, nezilingo, kuleyominyaka

engamashumi amabili nanhlanu. Kepha wabambeleva ezwini lesithembiso.

⁵⁸ Futhi u-Israyeli wathenjiswa izwe lesethembiso, kodwa kwakudingeka balwele lonke iyintshi lalo. “Yonke indawo lapho amathe onyawo lwakho enyathela khona, lokho Ngikunike khona,” kwasho uNkulunkulu kuJoshuwa. Lonke lalikhona. Izwe lalikhona, futhi uNkulunkulu wabanika lona, kodwa bafanele balilwele.

⁵⁹ Ngendlela efanayo okungayo ngokuphulukisa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu unamandla ukukuphulukisa, uma unesibindi sokukwamukela, kodwa uyolwa lonke iyintshi lendlela.

⁶⁰ UNkulunkulu unomusa omangalisayo wokukusindisa, futhi Uzokwenza, kodwa uzolwa lonke iyintshi lendlela yakho.

⁶¹ Bengisemva kwepulpiti, ngiya eminyakeni engamashumi amathathu nanye, futhi lonke iyintshi lalokho kube ngukulwa, njalo njalo. Ngokuqinisekile kubeyilo.

⁶² “Kodwa simelwe ukulwa ukuze sibuse.” Ngakho sithola ukuthi uMlobokazi ufanele Azilungiselele. “Fisa ukulahlala wonke umthwalo osithandela kalula, ukuze sikwazi ukugijima ngokukhuthazela umgomo esiwubekelwe.” Sifanele siyibeke eceleni, thina uqobo. Ngeke sathi, “Nkulunkulu, Wena woza, yibeke eceleni wenzele thina.” Sidingeka senze lokho, thina uqobo.

⁶³ Manje, ngithanda ukucabanga ngemishado. Ngibe nenhlanhla yokushadisa abantu abambalwa impela. Futhi ngiyacabanga, lapho ngiletha insizwa nentombi ezansi e-altare, futhi ngibabone behla ebandleni; futhi yena owesifazane, emuhle egqoke izingubo zakhe zomshado, neveyili imboze ubuso bakhe futhi ilengela phansi; nomyeni, eqondile, egqoke kahle; futhi emusha futhi egcwele amandla, njengoba behla lapho ekupheleleni kwempilo yabo, futhi bathathe leso sifungo somshado, ngicabanga ukuthi kukhona okumnandi ngakho. Kukhona into engcwele, ngoba lokho kungikhumbuzisa ukuthi kuyoba nomunye umshado omkhulu ngelinye ilanga, lapho uMlobokazi kaKristu ezofika ehamba ehla emihubheni yaseNkazimulweni.

⁶⁴ UMyeni uzobe eselungise konke. Kuyoba nomshado nesidlo sakusihlwa. Sithanda kanjani ukucabanga ngokuhlala ngaphesheya kwetafula komunye nomunye, futhi sixhawulana, nezinyembezi zehla ezihlathini zethu. Futhi ngiyacabanga, Uzofika, asule zonke izinyembezi emehlweni ethu, athi, “Ungakhali. Konke sekuphelile manje. Ngena ezintokozweni zeNkosi okulungiselelelwe wena kusukela ekusekelweni kwezwe.” O, mfowethu, lokho kuzosenza sithandane kakhulu.

⁶⁵ Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngeBandla, uMlobokazi namhlanje, owakhiwe yiwo onke amabandla akholwa kuKristu.

Akusiso isakhiwo sebandla, kanjalo akusiyo inhlango noma ihlelo, kodwa ngabantu ngabanye osebandleni owenza uMlobokazi.

⁶⁶ Nginomngane omuhle eLouisville, eKentucky, uDkt. Wallace Cauble, owayengumfundisi weChurch of Christ, futhi uyangena futhi wamukela uMoya oNgcwele, futhi ungumelusi welinye elikhulu, amabandla amakhulukazi eLouisville, ibandla le-Open Door. Ube ngumngani oligugu kakhulu kimi. Futhi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangimi esitaladini, futhi ngimbone eza ehla ngestaladi. Futhi ngangimthanda njalo, futhi wayengithanda.

⁶⁷ Kodwa ngolunye usuku waba nokuhlinzwa kwamathansela, futhi wayophela ukufa. Futhi bamyisa ezansi lapho eSibhedlela iSaint Joseph, futhi bathi wayefa. Futhi uNkk. McSpadden wangibiza, wathi, “Dkt. Wallace Cauble.” Ngangingakamazi ngaleso sikhathi, kodwa ngangazi ukuthi kwakukhona ibandla elikhulu le-Open Door. Wathi, “Uyafa. Odokotela bamnike imijovo, nakho konke okunye. Bamthunga. Uqhubeke njalo njalo nokulahlekelwa yigazi, futhi abakwazi ukumisa igazi. Igazi lakhe ngeke laba yihlule, futhi, niyazi, limise ukopha.” Futhi wathi, “Banezithunywa zenkolo phakathi lapho, futhi zifuna wena ukuba uze, umkhulekele.”

⁶⁸ Awu, ngangizwile ngoDkt. Wallace Cauble, futhi ngakho ngangithi ukuba manqikanqika, kodwa ngaya ngaleya. Futhi lapho ngibheka egumbini lesibhedlela, kwakukhona izithunywa zenkolo nabefundisi abakhulu, bonke phakathi lapho, bekhala futhi bekhuleka. Futhi ngacabanga, “O, he! Ngimncanyanyana, umgingqiki ongcwele omncane, ngingene lapho na? Kungangcono ngihlale phandle lapha.” Ngakho ngehla ngemuva komshini weCoke ngaphandle ehholo. Ngakhuleka kuNkulunkulu, uku—ukumisa igazi, kuMfowethu Cauble. Ngabuyela phansi futhi ngaphuma.

⁶⁹ Ngangisanda kufika ekhaya nje, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, futhi ucingo lwakhala futhi, futhi efuna ukwazi ukuthi yini engibambezilele, ukuthi ngangingekho lapho. Futhi ngathi, “Ngi—ngiyeza. Kodwa bekunabangingi kakhulu phakathi lapho. Ngi—ngazizwa nje ngingaholeleki ukuba ngingene, mhlawumbe, niyabo, abaningi kakhulu, abefundisi abakhulu phakathi lapho.”

⁷⁰ Wayesethi-ke, “Woza khona manje.” Wathi, “Indoda ingeke iphile kodwa isikhashanyana.”

⁷¹ Ngakho ngabuyela emuva, futhi. Futhi lapho ngingena lapho, wayezama ukuthola udade ongumKatolika ukuba amukele uKristu njengoMsindisi wakhe siqu; futhi yena opha, negazi liphuma lindiza emlonyeni wakhe. Ngangena.

Wathi, “Sawubona?”

⁷² Futhi ngathi, “Sawubona?” Wayehlezi phezu kombhede, futhi ekhwehlela kanjalo, negazi liphuma.

Futhi wathi, “Ungubani igama lakho?”

Ngase ngithi, “NginguMfowethu Branham.”

⁷³ Futhi waqala ukukhala, wangigaxa. Ngaguqa phansi lapho.

⁷⁴ Manje, nguDkt. Wallace Cauble, webandla le-Open Door eLouisville. Mhambisele incwadi iletha. “Igazi lanqamuka ngalowomzuzwana.” Alikaze linyakaze, kusukela ngaleso sikhathi. Niyabo? Futhi sibe kakhulu, abangane abahle kakhulu kusukela ngaleso sikhathi. Futhi ngolunye usuku, ngahlangana naye. Futhi wathi. . .

⁷⁵ U-Oswald J. Smith, abaningi benu niyamazi uMfowethu Smith. Uyisithunywa senkolo esikhulu kakhulu, futhi uza kwaMfowethu Cauble, ngoba umthanda kahle kakhulu. Wathi, “Mfowethu Cauble, uyazi,” wathi, “Mina. . .” Okuthile ngomkakhe. Wathi, “Lapho ngiqala ukushadelwa,” wathi, “Ngangizizwa sengathi, awu, uma ngenza iphutha, ngizo, o, ngingathola omunye,” ngoba wayemusha. “Kodwa,” wathi, “ngemuva kokufika kwabantwana,” wathi, “khona-ke kuthi ukuba nzima ukwenza ngaphandle kwakhe. Khona-ke lapho uthola cishe iminyaka engamashumi amahlanu ubudala, awukwazi nje ukwenza ngaphandle kwakhe. Futhi njengoba ukhula, ngani, u—uzizwela ngaleyo ndlela.”

Ngathi, “Ngicabanga ukuthi lokho kuthi ukuba yiqiniso.” Ngangi. . .

⁷⁶ Lokho okushiwo ngendaba, niyazi ukuthi abesifazane bangathenga kanjani, nomkami wayephakathi lapho. Futhi uyindlovukazi yakho konke kwakho. Uyahlala nje ngaso sonke isikhathi. Izinyawo zami bandla zicishe zingibulale, ekuhambahambeni estaladini naye. Futhi wayengitshela, wathi, “Awu, awukwazi nje ukwenza ngaphandle kwakhe.” Futhi yileyo ndlela ukuphawula okuqhamuka gayo.

⁷⁷ Lapho sengiye ekhaya, ngahlala egumbini lapho, ngicabanga, “Kunjalo.” Ngikusebenzise kwenye into ethile.

⁷⁸ Niyazi, ngenkathi ngiqala ukuphenduka e. . . ngiba umshumayeli weMissionary Baptist, ngacabanga, “Uma umuntu wayengesiyo iBaptisti, wayengasindiswe nje. Yilokho kuphela okwakukukho.” Futhi ngathwala iBhayibheli ekhwapheni, futhi ngacabanga ukuthi iNkosi ingibizile ukuba ngenze wonke umuntu iBaptisti. “Futhi wonke umuntu ongakholwanga njengamaBaptisti akholwa, babengekho esithombeni nakancane.”

⁷⁹ Lapho izinsuku seziqhubekile, ngangicabanga ukuthi nginomsebenzi wonke ukuwenza, mina uqobo. Futhi ngithola ukuthi, ngaqaphela omunye umfowethu owayenibandla, umelusi. Wadonsa naye, kanzima njengoba ngangenza.

Empeleni, ingubo inwebeka kancanyana ngaleya ngakuye futhi, niyazi.

⁸⁰ Khona-ke sithola ukuthi, siyadingana. Futhi manje, emva kokuba siqala ukuhambisana kade kanje, kuthi ukuba nzima nje ukwenza ngaphandle komunye nomunye. Yilokho kuphela. Sifanele nje sibe nomunye nomunye, lokho. Futhi ngiyakholwa ukuthi lokho kusemnyakazweni omkhulu wepentekoste. Ngiyajabula ukubona lezo zithiyo zokunganakani zigqashulwa, iBandla elikhulu likaNkulunkulu liqala ukuhlangana lona uqobo ndawonye enhlanganyelweni. Kusho ukuthi umshado uyasondela manje. Futhi amatshe, asikwe ngokukhethekile njengoba kungenzeka, anendawo ndawo ndawo kuleso sakhiwo, uma engamatshe eNkosi.

⁸¹ Manje, umshado, ngomqondo munye, uyisifanekiso. Umshado wasemhlabeni lapha uyisifanekiso somshado wasezulwini. Manje ake singene kukho, okwemizuzwana nje embalwa, ukukubuyekeza umzuzwana.

⁸² Into yokuqala ekhona, kufanele kube khona isinqumo esenziwayo. Okokuqala, kuthatha, emshadweni wemvelo, isinqumo sifanele senziwe. Inenekazi eliselisha lifanele lenze isinqumo salo, noma ngabe liyayifuna lensizwa; nensizwa, noma ngabe iyayifuna intombi. Kufanele kube khona isinqumo esenziwayo, futhi ufanele usenze. Ufanele abe nguyena kuphela owesifazane emhlabeni omthandayo, futhi ifanele ibe iyona yodwa indoda. Uma kungenjalo, khona-ke wenza isinqumo esingafanele.

⁸³ Futhi lokhu kuyindlela efanayo ngokuthatha isinqumo ngoKristu. Into yokuqala ofanele uyenze, ngokuthatha isinqumo noma ngabe uzokhonza uNkulunkulu nokuMthatha njengoMsindisi wakho siqu, noma awuzukukwenza. Ngabe uzokhonza izwe na? Uzokhonza uKristu na? Ufanele uthathe isinqumo. Kufanele kube nesinqumo esenziwayo. Uma uthatha isinqumo, ukuthi kuphakathi kokuthi uzokhonza uNkulunkulu noma umamona, bese-ke uthatha okukhethile. Kodwa isinqumo sifanele senziwe.

⁸⁴ Futhi-ke, ngemva kokuba isinqumo sesenziwe, ukuthi uzokwenza, bese-ke kufika umethembiso. Lokho, uthola lokho e-altare. Ufanele wenze umethembiso ngaphambi kokuba kube khona ukuhlangana. Futhi kungaleyondlela ngeBandla likaKristu. Kumele kube khona umethembiso noKristu, i—isibophezelo, umethembiso, ukuthandana.

⁸⁵ Bese kuthi-ke, into elandelayo, i—isithembiso sesenziwe. Kufanele kube khona izithembiso ezenziwayo komunye nomunye, njengokuthi wenza isithembiso. “S’thandwa, uma uzongishada, ngiyathembisa ukuthi ngizothembeka futhi ngibe neqiniso. Ngeke ngabheka omunye wesifazane.” Noma, “Ngeke ngabheka enye indoda. Futhi ngizokwenza konke lokho

njengomsebenzi omiselwe, njengonkosikazi. Sinabantwana, kuyokwenza njengomsebenzi omiselwe njengo—njengomama. Mina, ngizoba umgcini wendlu.” Zonke lezi zithembiso zifanele zenziwe, noma kumele kube njalo, emshadweni oqondile.

⁸⁶ Futhi lokho yinto efanayo uma uza kuKristu. “Nkosi, uma Uzongamukela eMbusweni waKho, ngiyethembisa.” Nakho lapho okhona. “NgizoKuthanda. Ngizoba neqiniso kuWe. NgizoKukhonza, imini nobusuku.” Kubi kabi ukuthi siyakukhohlwa lokho. “NgizoKukhonza, imini nobusuku. Ngizozila ukudla. Ngizokhuleka. Ngizothembeka kuWe. Ngizoletha okweshumi kwami endlini yokulondoloza. Mina, ngizo—ngizokhuleka, izikhathi eziningi ngosuku. Ngizo—ngizokwenza noma yini. Futhi ngizothembisa ngothando lwami lonke kuWe.” Yilokho omele ukwenze. Kunjalo impela, lapho wethembisa lokho, futhi kumele kuvele enhliziyweni yakho.

⁸⁷ Uma uthembisa umyeni wakho lokho, futhi kungaveli enhliziyweni yakho, ukuhlose, awuphili ngobuqotho ngokufanele naye. Kuluhlobo lodaba olucace bha.

⁸⁸ Bukani lapha. Uma—uma ungakabi nawo amazinyo, futhi usebenzisa amazinyo okufakelwa, manje, lokho kulungile. Ukufaka esikhundleni ukwenzela amazinyo owake waba nawo. Kodwa, empeleni, lawo mazinyo awaxhumene nawe. Alisiyo ingxenye yakho. Uma wawune—ingalo ekhishiwe, futhi wafaka ingalo yokwenziwa, awu, leyo ngalo empeleni ayixhumene nawe. Inamatheliswe kuwe nje. Niyabo? Ayixhumene nawe.

⁸⁹ Futhi uma sithatha isibophezelo sethu kuKristu, uma singabi yingxenye yaKhe, njengowesifazane ofanele abe yingxenye yendoda nendoda ingxenye yowesifazane, khona-ke singamaKristu okwakhiwa. Asisiwo, ngokwempela. Ngokwempela awushadelwe yilowo wesifazane. Ungahle wethembeke. Uma ungamthandi umyeni wakho, futhi naye eneminyaka engamashumi ayisithupha noma engamashumi ayisikhombisa ubudala, futhi awumthandi njengoba wawenza ekuqaleni, khona-ke ngokwempela ukhulisa izingane zakhe nje.

⁹⁰ Yileyondlela amabandla angayo, amaningi kakhulu namhlanje. Sithatha nje igama le “Bandla lamaKristu,” sizenza sengathi singuMlobokazi. Kanti, kuyinto yokwakhiwa. Asixhumene noKristu nganoma iyiphi indlela. Sifana namazinyo okufakelwa, ingalo yokufakelwa, iso lokufakelwa. Niyabo? Kuyinto ethile yokwakhiwa uma sikwembatha nje. Awu, awukwazi ukwembatha ubuKristu. Umele uxhumane nakho.

⁹¹ Futhi-ke ibandla lokwakhiwa nje, elibizwa ngebandla likaKristu, awu, labo bantwana abekho phakathi Lapho, lowo ozalwe yileyonhlangano efanayo. Kuphela u... Abasibo abantwana bakaKristu. Bangabantwana behlelo, futhi hhayi abantwana bakaKristu.

⁹² Uma owesifazane engaxhumene nendoda ngeqiniso, khona-ke akusiye umyeni wakhe. Uyindoda nje athathe isifungo ukuhlala nayo, futhi uthatha isifungo esingafanele. Uzibophezele ukumthanda, futhi wathi wayemthanda, futhi akazange akwenze. Ngaso sonke isikhathi, indoda iyakhohliswa.

⁹³ Kodwa kukhona into eyodwa eqinisekile, bangani, ngeke sikhohlise uKristu. Uyabazi abaKhe.

⁹⁴ Kodwa, niyabo, okokuqala, izinqumo zenziwe. Okulandelayo, umethembiso. Khona-ke, isithembiso.

⁹⁵ Futhi, khona-ke, umkhosi. Futhi yilapho umakoti—umakoti ethatha igama lomyeni. Akasekho ngaphezu kwegama lakhe. Uthatha igama lomyeni.

⁹⁶ Futhi-ke lapho iBandla linomkhosi, benza izithembiso zabo, khona-ke uthatha iGama loMyeni. Khona-ke akasesilo ibandla lezwe. UyiBandla leNkosi uJesu Kristu. Amen. Hhayi... Angiqondile, ukuthi, ngeGama. Ngiquonde, lokho, ngokuZalwa, ngokwemvelo, ngamandla kaNkulunkulu. NgeQiniso elembuliwe likaNkulunkulu, enhliziyweni, uba iBandla lamaKristu, iBandla lamaKristu lobuphostoli lomhlaba jikelele. Uba yingxenyane kaKristu. Uma enza lokho, yena... uKristu ujoyela kuye uMoya waKhe uqobo, ukuPhila kwaKhe uqobo. Futhi iBhayibheli lathi, ku-Adamu no-Eva, lapho, “Anisebabili, kepha nimunye.” Futhi uma owesifazane, iBandla, selishade noKristu, abasebabili. BaMunye. UKristu kuwe! Amen. Yilokho kuphela. UkuPhila kwaKhe bufakwe kuwe, khona-ke uba nguMlobokazi.

⁹⁷ Khona-ke, enye into, emva kokuba esethathe zonke lezi zifungo, nokunye nokunye, nomkhosi usushiwo:

⁹⁸ Njengokuthi, igama lomkami kwakunguBroy ngaphambi kokuba ashade. Manje, akasasiye uBroy. UnguBranham. Manje, akasesiye uBroy. UnguBranham.

⁹⁹ Futhi uma ungena kuKristu, awusesiye owezwe. UngokaKristu. Niyabo? Awuzikhathaleli izinto zezwe. Zifile kuwe. “Ngokuba othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuye.”

¹⁰⁰ Ngakho-ke, niyabo, ungeke waba ngumKristu wokwakhiwa. Ungaba ngelokwakhiwa, umKristu ozishoyo.

¹⁰¹ Kodwa ngeke waba ngumKristu, ube, kuze kube yilapho uKristu ejoyela khona Yena uqobo, ngombhaphathizo kaMoya oNgwele, kuwe. Khona-ke uxhumene naYe. Anisebabili. NiMunye. UKristu wathembisa ukuba kithi, njengoba uBaba wayekuKristu. “Mina noBaba waMi siMunye. Wena naMi siMunye.” Niyabo? UKristu kithi! Konke uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu. Futhi konke lokho uKristu

ayeyikho, Wakuthululela eBandleni, ukuqhuba umsebenzi weVangeli.

¹⁰² Khona-ke siba, hhayi ngegama lokwakihiwa, kodwa ngeqiniso likaMoya oNgcwele wokuPhila usixhuma kuKristu. Khona-ke, ngamandla ovuko lwaKhe, sivusiwe ezintweni ezifile zezwe, futhi sihlezi naYe ezindaweni zaseZulwini. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Kulobubusuku, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, niyabo, sivuswe kanye naYe; safa ezintweni zezwe, futhi sathatha uKristu. Futhi lapho sithatha uKristu, khona-ke izwe lifile, khona-ke asisalikhathalele izwe. Izwe lifile kithi. Futhi si . . . Futhi lifile kithi, nathi sifile kulo.

¹⁰³ Ungumuntu owehlukile, ubuntu obehlukile, ngoba uyisidalwa esisha. Isidalwa! Hhayi isidalwa esifanayo, esipholishiwe; hhayi u—umuntu ophenye ikhasi elisha. Kodwa umuntu ofile, futhi wazalwa kabusha, wayeseba isidalwa esisha kuKristu Jesu, noMoya kaNkulunkulu ophilayo uhlala kumuntu.

¹⁰⁴ Manje, njengowesifazane ongasesuye uBroy, unguBranham, futhi uhamba ngalelo gama.

¹⁰⁵ Futhi iBandla alisesilo elezwe, kodwa liseZwini likaKristu, unjalo. Uxhumene naYe, ngokuPhila kwaKhe uqobo.

¹⁰⁶ Nike nafunda emBhalweni, kanjani ukuthi lowo muntu wokuqala, uNkulunkulu amenza, waye—wayengumuntu okabili na? U-Adamu wayeyikho kokubili u-Adamu no-Eva, ngokukhuluma ngokomoya, kodwa ngenkathi enze umuntu wokuqala ngomfanekiso waKhe uqobo. “Futhi uNkulunkulu unguMoya.” Kodwa, ngenkathi Ebafaka enyameni, Wabehlukanisa. Wathatha umoya wesilisa, wawufaka endodeni, wase ethatha umoya wesifazane wayesewufaka kowesifazane.

¹⁰⁷ Manje, uma ubona owesifazane efuna ukuziphathisa okwendoda, kukhona okungalungile. Uma ubona indoda ifuna ukuziphathisa okowesifazane, kukhona okungalungile. Ngakho kubonakala sengathi izwe lonke alilungile, namhlanje. Amadoda azama ukuziphathisa okwibesifazane; abesifazane njengamadoda. Kunjalo. Yiqiniso.

¹⁰⁸ Manje bukani. Kuphelele kakhulu, ukuthi ngenkathi uNkulunkulu ethathe futhi wenza indoda, futhi ukukhombisa ukuthi Wayengafuni lutho nhlobo olwehlukile, owesifazane wayengekho endalweni yasekuqaleni. Ngakho-ke akekho endalweni, kodwa uyingxenyane ka-Adamu. Ungumkhiqizo ovele komunye. Ungena ohlangothini luka-Adamu, hhayi ukwenza esinye isidalwa, kodwa ukuthatha ingxenyane yesidalwa futhi wenza esinye isidalwa esivela kuso. Futhi Wathatha umoya wesilisa owawuku-Adamu. . . Futhi wathatha umoya wesifazane owawuku-Adamu, njalo, wase ewufaka phezu kowesifazane. Ngakho, kokubili umoya nomzimba, kuba kunye.

109 Kwakuyisifanekiso esihle kulokho uNkulunkulu akwenza eKalvari. Wathatha uKristu, futhi waMxhuma neBandla, ngohlangothi oluhlukanisiwe, Waletha iGazi elahlanza umuntu, elingwelisa inyama yeBandla, futhi wafaka uMoya kaNkulunkulu ophilayo, lowo Awuthatha esiphambanweni lapho, kuKristu, futhi uWufaka kumuntu ngamunye. Khona-ke bamunye. Baba munye. UKristu nawe nimunye.

110 Futhi wena nomyeni wakho nifanele nibe munye. Uma kukhona noma yini okuphambene, khona-ke kukhona okungahambi kahle ngokuhlanguka kwenu.

111 Futhi uma kukhona noma yini ephikisana nathi, kuKristu, asilikholwa iZwi laKhe, uthi, “O, lokho kwakungokwezinye izinsuku,” kukhona okungahambi kahle ngenhlanganyelo yethu naYe. Uma uthi, “Izinsuku zezimangaliso sezadlula; akukho ukuphiliswa ngokukaNkulunkulu; awukho umbhaphathizo kaMoya oNgcwele,” sebenzisa lokho emuva ndawo ndawo, lokho kukhombisa ukuthi uMoya kaKristu awukho kuwe.

112 Ngoba, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba inyama.” Futhi khona-ke uma iZwi laKhe liba ngeliqavile kuwe, khona-ke, uyabo, nguwe noKristu nimunye khona-ke. “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, ningacela enikuthandayo,” ngoba akusesiwe. YiZwi likaNkulunkulu, uKristu kuwe. Niba munye. Kulungile.

113 Futhi-ke, enye into, emva kokwenza lokho, emva kokuba esezigcwalisile izifungo zakhe, futhi washadelwa nguye, futhi wathatha igama lomyeni wakhe azoshada naye, igama lomyeni, khona-ke owesifazane uyindlalifa kukho konke anakho. Owesifazane uyindlalifa yakho konke. Unkosikazi wakho uyindlalifa yakho konke onakho.

114 Futhi yileyonto iBandla eliyiyo, ukuba nje kuphela belikwazi, ukuba ingxenye yaKhe ngoMoya waKhe okulo. Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Emikhulu kunale niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi. Isikhashana, futhi izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Khona-ke nguKristu kuwe. Nixhumene ndawonye, futhi niyizindlalifa kanye naYe.

115 Futhi uma Wayelapha emhlabeni, yini engabe Uyayenza na? Into efanayo Ayenza lapho, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ubeyoba nomqondo ngokukaBaba. Ubeyobe ephulukisa abagulayo. Ubeyoba enza izimangaliso. Ubeyokwenza khona kanye nje lokho Akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni, ngoba Uhlale enguye izolo, namuhla, naphakade. Kuphelele nje. Lowo ngumshado.

116 Kodwa, manje, kuthiwani uma lona wesifazane eshada, uthatha zonke lezi zifungo nakho konke, futhi uba ngumyeni

walendoda, futhi uyindlalifa kukho konke anakho, nokunye nokunye, bese eyadlebeleka na? Uqalisa ngokudlanga. Uyasukeleka, ejahana namanye amadoda. Kungekhona lokho kuphela, kodwa wabelana ngothando lwakhe nabanye. Indoda nomkayo, zonke izithembiso abazenza, bese-ke eyaphuma bese eqala ukwabelana impilo yakhe nabanye, uthando lwakhe nokuthandana kwakhe nabanye.

¹¹⁷ Yilokho abaningi kakhulu ababizwa ngamaKristu abakwenzayo, ukwabelana ngothando lwakho nezwe: ukudlala, ukudansa, ukugembula, ukuhlala ekhaya ungayi emihlanganweni yomkhuleko, ukubukela itelevishini, zonke izinhlobo zezinto zezwe ezithatha indawo yothando lukaNkulunkulu, enhliziyweni yebandla. Uye wadlanga kakhulu. Uye wadlebeleka. Uphumile walandelana namanye amadoda. Wabelana ngothando lwakhe. Uyothatha okweshumi kwakhe lokho afanele akunikele ebandleni; uyokuchitha kwezinye izinto ngaphandle lapho ezweni. Uyokwenza... Esikhundleni sokuthanda uNkulunkulu ngendlela okufanele ayenze, futhi aphilele uNkulunkulu, futhi ethanda ukuza ebandleni, cishe ufanele umkholise ukuba eze.

¹¹⁸ Kungani, ngiyazi, lapha kungekudala, u—umfundisi wangitshela ukuthi wathumela umkhuleko omningi kakhulu... amakhadi amaningi kakhulu, ukuze athole abantu ukuba basayine, ukuthi benze isithembiso ukuba beze kuSonto sikole okungenani izinyanga eziyisithupha kuwo wonke unyaka.

¹¹⁹ Futhi ngike ngabona intombazane endadlana ezansi ngaphansi kwentaba lapho, lapho ekade ngisebenza khona. Futhi iphuma lapho. Futhi ngangimi emnyango, ngangqongqoza emnyango, futhi yeza emnyango. Futhi yayingenye yalaba lapha abadlala indawo yembodla, niyazi.

¹²⁰ Njengalesi sigejane ababefanele basibophe ezansi lapha ePhoenix izolo ebusuku, ngikholwa ukuthi bekuyikho, ukwenza lokhu kuhlanekezeka okusha ko—komculo wokuzibinya, noma amatwister, noma yikuphi okwakuyikho, futhi kudingeke bathole amaphoyisa eze abathathe. Bafo abasebasha, aniqondi ukuthi lokho kungumoya kadeveli na? Ngaphansi kokuthonya, baze bangazi ukuthi babekuphi, phandle ezitaladini, beqhubeka.

¹²¹ Njengabanye balaba somahlaya, noma laba badlali bamarekhodi, nojockey, nokunye nokunye, ngiya endaweni, edolobheni engangikulo. Futhi abesifazane abasebasha bekhulumula izingubo zabo zangaphansi futhi baziphonsa eplatifomu, ukuba lomfana azisayine. Aniqondi ukuthi lokho ngudeveli na? Kungumoya wezinsuku zokugcina. Impela. Kuyihlazo elinjalo. Nakho lapho ukhona, udlebelekele.

¹²² Lona wesifazane osemusha, uyaphuma, eqhubeka. Akazange azi ngisho ukuthi ngangikhona... Wangikhohlwa ngimi

emnyango. Futhi wathi, “O, uxolo. Ngikhohliwe ngawe umi lapho.” Futhi waphonsa ukwanga kulowomfo emsakazweni, noma ngabe kwakuyini, wayesethi, “Ngizohlangana nawe phandle eGreen Briar Patch,” noma ngabe kwakuyini. Babezoba nohlobo oluthile lomdanso ngalobo busuku.

Futhi ngathi kuDkt. Brown, owayengumngane wami.

¹²³ Wathi, “Liziphethe kanjani ibandla lakho phandle phezulu lapho, Billy na?”

Ngathi, “Kahle.” Ngathi, “Sibanika amaphilisi.”

Wathi, “Hlobo luni lwamaphilisi na?”

¹²⁴ Ngathi, “AmaVangeli. Lokho ngempela kubagcina beza ngaso sonke isikhathi.” Niyabo?

¹²⁵ Futhi wangitshela ngalokho, ukusayina lezo zithembiso. Futhi ngathi, “Dkt. Brown, ucabanga ukuthi lowo mdlali odlala indawo yembodla kulowo msakazo uyodingeka enze leyo ntombazane isayine isethembiso sokuthi iyoba ngaleya ngalobo busuku na? Lutho nhlobo. Iyobambisa ngalezo zingubo eyayizigqokile, ukufika lapho.” Ngani na? Yinto ethile ekuyo exhumene nayo, umoya, kulokho kuzithokozisa kwezwe.

¹²⁶ Futhi kuze kube iBandla likaNkulunkulu ophilayo, elibizwa ngokuthi uMlobokazi kaKristu, lizixhumanisa noNkulunkulu kanjalo, lisayolokhu lizibhixa ezweni, odakeni olubishayo lwesono, lize lixhumane noNkulunkulu ngaphakathi ngangokuthi, ize inhliziyi yalo igwale inkazimulo namandla kaNkulunkulu, lize lingasakwazi ukubona lutho olunye ngaphandle kukaKristu. Kunjalo.

¹²⁷ Yilokho esizomele sikwenze. Yilona cebo kuphela, lona kuphela uhlelo uNkulunkulu analo, kungukwenza into enjalo. Awufanele ube ungeniswa ngokokwakhiwa. Ufanele uzalelwe ngaphakathi, ungangeniswa ngokuxhawulwa, noma ulethe incwadi ebandleni. Kodwa ukuzalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, ngokuphindukuzalwa, ngamandla ovuko lukaJesu Kristu, akwenza isidalwa esisha kuYe. Amen. Lokho kuyakuqondisa. Lokho kuyakwenza. Impela. Kulungile.

¹²⁸ Uyadlebeleka. Uqala ukwabelana ngothando lwakhe nabanye, izinto zasezweni, ukuzithokozisa kwasezweni, ukuya ezindaweni abengafanele azihambe, esho izinto abengafanele azisho.

¹²⁹ Lapha ngesinye isikhathi mina... Babenamanenekazi... uhlobo oluthize lwephathi yasebandleni esitezi esiphezulu. Kwenzeka kwaba nokuthile okumele ngikwenze esitezi esingaphansi salendlu. Futhi ngiyakutshela, ngike ngezwa ezinye izinto ezinyantisayo ngenkathi ngiseyisoni, kodwa, lowo mhlango wabesifazane, angikaze ngizwe amahlanya amabi ukuwadlula onke empilweni yami. Ungake ucabange

nje, umuntu obizwa ngomKristu, angake avumele ukungcola okunjalo kuphume kubo na?

¹³⁰ Awukwazi ukuthola amanzi amtoti namahle aphume emthonjeni owodwa. Ufaka ibhakede emthonjeni, futhi liphuma ligcwele onoshobishobi, sibabiza kanjalo. Uma wehlisela ibhakede futhi, liyoletsa into efanayo. Umthombo udinga ukukalajwa, nokugwaliswa ngamanzi amahle.

¹³¹ Yileyo indaba ngebandla namhlanje, ngokukhuluma ngomhlaba jikele, ukuthi lidinga ukukalajwa, ukugwaliswa ngamanzi angcwele kaNkulunkulu avela eZulwini. Inhliziyo yalo isibe yichibi lesitamkoko sayo yonke into efikayo. Linezithandwa zazo zonke izinhlobo. IBhayibheli lathi liyoba njalo. “Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi, abangazithibi, abangenabumnene, nabahlazisayo.”

¹³² Bheka owesifazane ozama ukuphila ngokufanelekile, indoda ezama ukuphila ngokufanelekile, owesilisa uba “ngumgingqiki ongcwele,” owesifazane uba “uhlanya,” noma into ethize eyifeshini endala. Ungumlahlwa. Uyadelelwa futhi aliwe ngabantu balelizwe. Kunjalo.

¹³³ Kodwa nike naqaphela ukuthi iBandla langempela lifanele lenzeni na? ETestamenteni eliDala, ngenkathi ababeno—nomhlatshele, babebulala inyani eyodwa, bese bebeka igazi leyodwa phezu kwenye, umlingani ofile; futhi yayindiza inqamule umhlaba, isakaze igazi lomlingani ofile. Uma iBandla liba nguMlobokazi wangempela kaJesu Kristu, uzothwala iGazi likaJesu Kristu kanye naye, elifafaza phezu komhlabathi, ebiza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi.” Umkhathi wakhe, konke nokunci kwakhe kuyoba ngokukaNkulunkulu. Konke ukwakheka kwakhe kuyoba ngokukaNkulunkulu. Ungeke walindela lutho olunye.

¹³⁴ Yingakho abantu beza esontweni, futhi. Kungesikho ukudlala amakhadi nomdlalo wamakhadi odlalwa etafuleni, ukudansa esitezi esingaphansi, ube nesidlo sakusihlwa sesobho nezinto ezinjalo. Lokho kungokwezwe. Futhi asisoze sakwazi ukuziqhathanisa nabo, futhi ihlazo kithi ngokukuzama. Thina sifanele sishumayele uMoya oNgcwele, ngamandla, novuko lukaKristu. Sinento ethize abangenayo. Asikuphile, hhayi ukuzama ukubakopisha. Siphile lokho esikwaziyo ukuthi kulungile. Siphile kuKristu. UJesu wathi, “Uma Ngiphakanyiswa, Ngizodonsela bonke abantu kiMi. Nina ningusawoti wezwe. Kepha uma usawoti edumele, awusizi ngalutho kepha ukulahlelwa ngaphandle futhi unyathelwe ngabantu.” Ubufakazi bethu!

¹³⁵ Akumangalisi, ngisho namaqembu ethu ePentecostal, emabi njengoba ngizonda ukukusho, amaqembu ethu ePentecostal awela ngqo kuleyonto efanayo, khona ngqo emkhubeni ofanayo. Futhi akumangazi abantu bethi abakabi nakho lokho abathi

banakho. LeliBandla lomnyakazo wepentekoste belifanele liboshelwe ndawonye kakhulu ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, kuze khona kanye ukuPhila kukaJesu Kristu kubonakaliswe kuLo.

¹³⁶ Kodwa sifuna ukulingisa izwe. “Sizokwenza, noma kanjani.” Niyabo? “Sifuna ukuba nendlela yethu ngakho.” Kodwa asifanele sikwenze. Akulungile ukukwenza. Amabandla afana nowesifazane nje, owadlebeleka.

¹³⁷ Into yokuqala niyazi, liba kahle, ekuqaleni lapho uNkulunkulu ezale khona leliBandla lasepentekoste, cishe iminyaka engamashumi amane noma engamashumi amahlanu edlule. Laphila ngokungcwele. Lalingcwele. Amandla kaNkulunkulu ayekanye nalo. Kodwa lapho siqhubeka, siqala ukulandelana nezwe.

¹³⁸ Into yokuqala niyazi, sifanele sibe nesakhiwo esikhulu kakhulu sifanele sibe sihle sidlule amaMethodisti ngaphesheya kwelinye ikhona. Sifanele sibe nento enkulu kakhulu, into enkulu edlula zonke, nento enkulu edlula zonke, nento enkulu edlula zonke. Kuyihlazo. Iningi lethu siyazikhukhumeza lapho sithola... Umfowethu wePentecostal ubukela omunye phansi, imishini encane, noma ibandla elincanyanyana, futhi baya ebandleni elikhulu. “Singabebandla lokuqala, noma ibandla elikhulu,” noma into enjalo; sibabukele phansi.

¹³⁹ Enikudingayo nguMoya oNgcwele, ukuba unibohlise kancanyana, kunjalo, unazise ukuthi umbhaphathizo wangempela kaMoya oNgcwele uyokwenza isudu kanokusho igaxe i-ovaroli bese ithi, “mfowethu.” Kunjalo. Insindiso yangempela yesikhathi sakudala, amandla kaNkulunkulu uSomandla, yebo, mnumzane, iyokwenza ingubo yokugqoka engusilika yakudala igaxe ukaliko, bese ithi, “Dadewethu, ngiyakuthanda.” Impela iyokwenza.

¹⁴⁰ Kodwa siqala ukuphuma nezwe, sibe ngobhululu. Ibandla likwenzile. Asisadingeki ukuba sikhulume ngamaMethodisti namaBaptisti futhi. Yithi uqobo. Kusezindaweni zethu. Yingakho uMoya oNgcwele ungakwazi ukunyakaza. Yingakho ngithi uNkulunkulu akakwazi ukubeka imvume yaKhe phezu kwanoma iyiphi inhlangotho kulobubusuku. Ngoba, abeZizwe abakhishwanga njengesizwe. Babengabantu abavela kwabeZizwe, ngenxa yeGama laKhe. UNkulunkulu uzothatha abantu ngabanye.

¹⁴¹ Manje, ngicabanga ukuthi izinhlangano zethu zenza umsebenzi omuhle. Lokho kulungile. Kodwa awukwazi ukuthembela kulokho, uthi, “Ngingumpentekoste, ngoba ngingowenhlangano yePentecostal.” Ungumpentekoste uma uthola isehlakalo sepentekoste. Angikhathali uma ungowebandla leKatolika, ungowumpentekoste. Awukwazi

ukuhlela iPhentekoste. IPhentekoste liyisehlakalo, hhayi inhlango. Futhi lokho kunjalo.

¹⁴² Kodwa thina bantu bePentecostal sesiqale ukucabanga ukuthi, ngoba sinesigama lePhentekoste, singaqhubeka futhi siphile ezweni, senze noma yini esifuna ukuyenza. Sifana nokukhwela umbhoshongo kaNimrod; uzoba ngumlotha. Njengephinifa elinziwe ngamaqabunga omkhiwane lika-Adamu; lizobuya. Njengomugqa iSiegfried eFrance, umugqa iMaginot eJalimane; lahlakazeka.

¹⁴³ Isizathu, awukho omunye umbhoshongo, ayikho enye indawo yokuma. “Kepha iGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla olungileyo abalekela kuwona futhi aphephe.” Uma ubalekela kuWo, uthatha iGama, iGama; hhayi nje ukubiza iGama, kepha iGama kanye nomuntu onguye, onjengoKristu empilweni. Amen. Uyamangalisa. Yebo.

¹⁴⁴ Ibandla lenze okufanayo, lihlobonga ngokomoya, njengowesifazane owayengabelana ngothando lwakhe kumyeni wakhe kwenye indoda. Lowo wesifazane akafanelekile ukuhlala naye. Niyakwazi lokho. Futhi uma ibandla liqala ukwabelana ngenhlanganyelo yalo nezwe, uNkulunkulu unguNkulunkulu onomhawu. Walahla u-Israyeli ngenxa yalokho, neNdodana yaKhe iyolahla into efanayo.

¹⁴⁵ Izoba noMlobokazi ongenambimbi kuYe. Amen. Ugezwe wonke ngeGazi laKhe uqobo. Kunjalo. Ngakho siyabona lapho simi khona, umshado ulungela ukufika.

¹⁴⁶ Manje, sithola ukuthi uhlobonga ngokomoya, ezikhipha nezwe, ezisho into ethize, ephila into ethize ehluke. Lokho akusoze nhlobo kwasebenza. Lokho ibandla ebelifanele likwenze, ngukwenza njengoba u-Esteri enza. U-Esteri wakwenqaba ukuhloba kwezwe.

¹⁴⁷ Siyayazi leyoncwadi encane ka-Esteri, kanjani ukuthi uMoridekayi... Umalume wakhe wayenendodakazi. Futhi wayesezansi ngezikhathi zokubusa zamaMede namaPheresiya. Kuyisifanekiso esihle kakhulu lapho. Inkosi, enye yamakhosi amakhulu kunawo onke ezweni ngalolosuku, yayinomkhosi omkhulu. Futhi yabiza indlovukazi ukuba ize ihlale nayo, kepha wayengeke akwenze. Wenqaba ukukwenza. Ngakho wenzani na? Wahlazeka kakhulu, akazange azi ukuthi enzeni, ukuthi umkakhe uqobo wayengenakuza.

¹⁴⁸ Ngicabanga ukuthi lokho kufana kakhulu ngakho konke noKristu namhlanje. UKristu usimemile ukuba sihlale ezindaweni zaseZulwini kanye naYe, futhi sinamahloni ngakho. Abantu abaningi banamahloni ukuba basho ukuthi bathola umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Abantu bePentecostal, kunjalo, banamahloni okukusho. Sinamahloni ngaYe.

¹⁴⁹ Futhi ngakho indlovukazi yayingeke ize. Yenqaba ukuza. Kwayihlaza. Ubuso bayo baphenduka baba bomvu. Wonke umuntu waphawula.

¹⁵⁰ Ngiyazibuza uma ubuso bukaJesu bungaphenduki bube bomvu, futhi, lapho Esibizela umsebenzi, abizele umnyakazo wePentecostal inhlanganyelo kanye nobuzalwane, futhi sihleleke ngokuqinile emaqenjini amancane size singasayikugobela abanye. Sikakhulu, siba ngabezwe kakhulu nezinto ezifana nalokho, siba namahloni ngegama lePentekoste. Abanye abantu bayesaba ukusho. Athi, “Awu, ngi—ngingowe. . . NgingumKristu, kodwa. . .” Ngiyajabula ngathola isehlakalo sepentekoste. Amen. Ngiyajabula ukuthwala iGama likaJesu Kristu. Yinhlahlala enkulu kunazo zonke engake ngaba nayo, ukuba ngithi ngiyingxenye yaKhe.

¹⁵¹ Manje sithola ukuthi, khona-ke, wathola ababonisi abathize, ukubuza ukuthi yini afanele ayenze. Futhi bathi, “Uma lokhu kuqhubeka kanje, bonke abanye besifazane ezweni jikelele bazothatha isibonelo sikandlunkulu.”

¹⁵² Kusobala, yilokho okwenzekayo kulobubusuku. Ngibuka abanye balaba besifazane. Ngiyethemba ukuthi angiyilimazi imizwa yenu, futhi nokho ngiyakwenza, ngithemba ukuthi ngiyakwenza. E-hhe. Kunjalo. Ukuzama ukuba yilena lapha izinto zendlunkulu, nalokhu ukugunda ikhanda elinamanzi. Angikaze ngibone into enjalo empilweni yami yonke.

¹⁵³ Ngoluny’usuku kwakunowesifazane oza enyukela esitolo lapho engangilinde khona umkami, futhi lelokhandla lowesifazane lalilikhulu *kangako*, futhi lalinopende oluhlaza satshani ngaphansi kwamehlo alo. Ngathi, “Buyela emuva, boogerman. Ngizoba kahle.” Kwakuyinto ebonakala yesabeka ukwedlula konke. Kwakungakusabisa. Kuyini na? Indlunkulu. Yindlunkulu. Yilokho kanye. Futhi bathatha isibonelo ngalokho.

¹⁵⁴ Futhi ake ngisho lokhu manje. Angizange ngikusho ngokwenza ihlaya, kodwa emfanekisweni, enizowubona. Yilokho kanye nina maKristu asekhulile enikwenzela laba abasebancane. Kunjalo impela. Nifanele nibe yizibonelo. Nina maPentecostal azisho ukuthi anoMoya oNgcwele, nifanele nibe isibonelo samaMethodisti, namaBaptisti, amaPresbyterian. Hhayi njengendlunkulu, kepha njengoJesu nifanele nibe njalo. Uyanitshela phakathi *Lapha* enimele nikwenze, ukuthi kwenziwa kanjani. Sifanele silandele imithetho yaKhe nezibonelo. Kodwa yileyo ndlela esikuthola ngayo. U-Esteri. . .

¹⁵⁵ Lendllovukazi, yayingeke ikulalele. Yayingeke ize; yamhlaza. Wathi, “Uma—uma lendlunkulu yezwe yenza isibonelo esinjalo, bonke abanye besifazane bazokwenza. Ngakho ngakho-ke lapho indoda ibiza umkayo, uyothi, ‘Hamb’ugxumele emfuleni.’” Niyabo? Mfana, wayibikezela ngaphambili impela iMelika,

ayikwenzanga na? Manje, sithola ukuthi, ngokwenza kanjalo, khona-ke kwakukhona indoda eyayinokuhlakanipha okuthile ngayo, iyeza iyeniyuka futhi ilulekana nenkosi. Yathi, “Into yokuba yenziwe ngukuyixosha. Futhi uthumele esizweni, bese ubiza ungenise zonke izintombi ekhona, izintombi ezisezincane, futhi lapho uzikhethele umfazi.”

¹⁵⁶ Kwayithokozisa inkosi. Ngakho wathumela, futhi wathumela abesifazane abalungisa amakamelo, nokunye nokunye, abaphuma uku—ukukhetha zonke izintombi ezisezincane ezingakwazi, abesifazane abahle emibusweni yonke nezifundazwe ayezingamele, esasisikhulu kunazo zonke ezweni.

¹⁵⁷ Futhi ngenkathi esenzile, kufika kulentombazanyana eyiJuda. Kwakuphakathi kokuthi yayiluhlobo lomlahlwa, ngoba, njengabeZizwe, niyabo, yalahlelwa ngakwelinye icala. Futhi yayingenayise nonina. Futhi uMoridekayi, umalume wakhe wayemkhulisa. Futhi yayidingeka ihambe, ukuze ifaneleke.

¹⁵⁸ Futhi ngakho lokho abakwenzayo, badingeka bangenise lawa mantombazane ukuze ahlanjululwe izinyanga eziningi kakhulu. Babedingeka bawaqhole futhi benze zonke izinhlobo zokuhlobisa, futhi bawalungise, ukuze akwazi ukuhamba phambi kwenkosi.

¹⁵⁹ Manje, lokho sekuthi nje akube ngendlela izwe eliyifunayo ukulungisa ibandla namhlanje. Lizihlobise ngezwe; lilandele izinto zezwe; lizama ukuthola amanye amalungu, lingenisa noma yini enhlanganyelweni yabo. He! Kuyinto edabukisayo. Inhlangano eyodwa izama ukudlula enye, ingenise noma yini kube yilungu. Ungahle ubangenise kulenhlangano, kodwa abasoze bangena enhlanganyelweni kaKristu kuze kuba bahlanzwa futhi bazalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Lelo yiqiniso. Bangahle babe negama labo encwadini lapha, kodwa hhayi phezulu Lapho, eNcwadini yokuPhila yeWundlu, lize libhalwe ngeGazi leNkosi uJesu.

¹⁶⁰ Bonke abesifazane, bazilungisa, ukuze babukeke bebahle. Futhi, o, sengiyabona bazitholela ngempela ukubukeka okuthile kubo, mhlawumbe befana nendlunkulu nokunye nokunye. Bazilungisa ngoba babezovela phambi kwenkosi.

¹⁶¹ Ngicabanga ukuthi sekucishe kakhulu impela kuba yindaba ngamabandla ethu namhlanje. Azama ukuzilungisa wonke, ngokwezwe, enokuzibungaza kwezwe, izinto zezwe ngaphakathi kulo, enza izinto ezingezezwe, ezibahlanganisa ezweni, ecabanga ukuthi angahlangana neNkosi. UNkulunkulu akakukhathaleli lokho. Uyakuzonda lokho. Kodwa sifuna ukuziphathisa okwezwe.

¹⁶² Amanye amabandla ethu, ngikushilo, adedela imigoqo, engenisa amadikoni, kanjalonjalo, ebandleni, futhi ngezinye

izikhathi abelusi, oshade kane noma izikhathi ezinhlanu, futhi—futhi abanye babo ababhema osikilidi. Bathi, “Bazo—bazokuyeka. Bazoba kahle.” Akhiphe indoda ebhareni ngobunye ubusuku, bese liyifaka epulpiti ngobusuku obulandelayo. Angikholelwa ezintweni ezinjalo. Ngikhulwa ukuthi indoda ifanele ifakaziswe, kunjalo, ifakaziswe. Nginyanitshela, izikhathi eziningi sibiza . . .

¹⁶³ Ngiyakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, kodwa ngicabanga ukuthi sigcizelela kakhulu kulokho. Indoda ingakhuluma ngezilimi, nowesifazane akhulume ngezilimi, futhi uma impilo yakhe owesifazane nempilo yakhe owesilisa ingaqhathaniseki nalokho izilimi okhuluma ngazo, khona-ke ngulimi olungalungile, ngoba uMoya oNgcwele uzokwenza wenze njengeBhayibheli. Lizokuletha ekugcwaleni komumo kaKristu.

¹⁶⁴ Thatha umuntu okhuluma ngezilimi, ulaka olwanele ukulwa nesaha elinsenenezayo, futhi akhulume ngomakhelwane, nakho konke okunjalo. Ngani, ubiza lokho ngoMoya oNgcwele na? Ngeke kube yikho. Qhabo, mnumzane.

¹⁶⁵ UMoya oNgcwele ungubumnene, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukukhuthazela, ukukholwa. UMoya oNgcwele, lokho yisithelo sikaMoya, lesu uMoya oNgcwele asithelayo eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, ubumnandi, nokuthobeka, intobeko, uthando omunye komunye, ukubekezela.

¹⁶⁶ Uma umzalwane ephambukile, ungamshayi nje noma enye into ethize. Mlandele futhi ubone uma ungambuyisa. Ungalindi umshumayeli ukuba akwenze. Kwenze wena, omunye umuntu. Umshumayeli akakwazi ukukwenza konke, kanjalo namadikoni. Wonke umuntu, oyilungu laloMzimba kaKristu, umele alandele omunye nomunye. Sine . . . Futhi uma sinoMoya kaKristu kithi . . . Wafundisa umfanekiso omkhulu. Bashiya amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, futhi walandela leyo eyodwa. Yilokho esifanele sikwenze. Kodwa sithi, “O, makahambe.” Asifanele neze sikwenze lokho. Sifanele sibe mnene, sithethelela, sibekezela. Lokho isithelo sikaMoya.

¹⁶⁷ Manje, sizithola khona-ke, ukuthi u-Esteri, emva kokuba e . . . Bambeka kwenye yalezi zindawo, ukuba bamlungise, ukuba enze umbukiso wakhe phambi kwenkosi. He! Wakwenqaba. Wayengakufuni. Wayefuna ukuphuma njengoba nje wayenjalo. Amen.

¹⁶⁸ Sithole namhlanje ukuthi amabandla afuna ukuziphathisa okwezwe, noma ngoba siba bakhulu. UNkulunkulu wathi, “Ngesinye isikhathi esemncane, baMkhonza. Kodwa lapho esebe mkhulu, khona-ke bamkhohlwa.” Kunjalo.

¹⁶⁹ Lapho sinepani lethini ezansi lapha emhubheni ndawo ndawo, nethamborini, siyibetha ngengemuva lezandla

zethu; nesiginci esidala, sasiginxizisa; futhi sinomhlangano wasemgwaqeni, nanithobekile. Kodwa lapho sifinyelela ekubeni nezakhiwo zezigidi ezintathu noma ezine zamadola, nezinto ezinkulu kakhulu ezinjalo, khona-ke sizidla kakhulu siyakhohlwa ngalokho, kunjalo, sipholishane nezwe.

¹⁷⁰ Ngangiphakathi endaweni ngolunye usuku lapho, umfowethu weholiness, kwakunesigejane sabantu bemsebenzela. Futhi uma wonke owesifazane ephuma lapho ngesikhathi sekhofi, ukuthatha ikhefu lekhofi, wonke owesifazane ophakathi lapho wayenezinwele ezimfushane futhi egcobe izindebe. Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, awuhlanganise lutho ngokusho lokho.” Ngihlanganisile. IBhayibheli lisho lokho. Kunjalo.

¹⁷¹ Iningi labesifazane bePentecostal begqoke izingubo ezingezabesilisa, futhi uNkulunkulu wathi kuyisinengiso emehlweni aKhe. Kunjalo. Ukulindela kanjani ukuya eZulwini unjalo na? Kubonisa ukuthi uMoya oNgwele awukho lapho. Ukuba uMoya oNgwele wawulapho, Ubuzokulahla ngecala. Kunjalo. O, ungahle umemeze, ukhulume ngezilimi, ugijime phansi naphezulu, usine emoyeni. Ngibone amaHindu enza lokho, namaNdiya, nakho konke okunye. Lokho akusho lutho, ngaphandle yama kunokuphila ukusekela lokho okhuluma ngakho, amandla kaMoya oNgwele, ukwenza abantu abaphila ngokwesaba uNkulunkulu. Lowo nguMlobokazi kaKristu.

¹⁷² U-Esteri wayezoba ngumlobokazi, ngakho wayengafuni lutho okokuhloba kwezwe. Wayefuna ukungena, enkosini, njengoba wayenjalo. Wazihlobisa bona uqobo njengoba abesifazane bepentekoste befanele, ngomoya omnene othobekile. Futhi ngenkathi lapho bonke laba abawubukhazikhazi, ondlunkulu bedlula ngapha, nazo zonke izinto zabo ezintsha zomculo womdanso weSpanishi, inkosi yababheka, yase ibafaka ekamelweni nezancinza. Kodwa lapho lo-Esteri efika ebusweni bayo, futhi yajeqeza kulowo omnene, othobekile, umoya omnene, yathi, “Yiyo leyo. Hamba ulande umqhele bese uwufaka ekhanda layo.” Yilokho-ke.

¹⁷³ Mabahlobe ngalolohlobo lomoya, hhayi kuphela abesifazane, kepha amadoda, nawo, ahlobe ngalolohlobo lomoya. Khona-ke usulungela u—uMlobokazi, omnandi, ohloniphayo. U-Esteri wenza inhliziyi yakhe yahlanzeka.

¹⁷⁴ Kuningi esikunakekelayo, leli ngaphandle, o, kufanele kube nezisusi-mibimbi eziningi, nokuningi kwalokhu, uku—ukuhamba ngakho.

¹⁷⁵ Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangimi e—endaweni yokugcina amagugu ezansi eTennessee. Ngadlula ngasendaweni encane, futhi yabonisa ukuhlaziywa komzimba womuntu. Kwathi umuntu owayesinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, ngamakhemikhali wayengabiza

amasenti angamashumi ayishiyagalombili nane. Manje, ungumuntu othile, awunjalo, amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane na? Futhi omunye wesifazane uzo, owesifazane wePentecostal, uzogqoka ijazi le-mink elibiza amadola angamakhulu amahlanu bese beqethukisa ikhanda labo, uma linile, yayizobaminzisa, futhi ababizi ngisho amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, kunjalo, ngamakhemikhali. Lelo yiqiniso, akusilo ihlaya. Lelo yiqiniso. Amasente angamashumi ayisishiyagalolombili nane, cishe umcako owenele ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, nentwanyana yekhalisiyamu nokunye nokunye. Amasente angamashumi ayisishiyagalombili nane, kubhekisise lokho eduze kabi kabi.

¹⁷⁶ Yiya esitolo othenga udlele kuso bese uthola...uthole ubheseni wesobho futhi kuyobakhona isicabucabu kulo, ubungasibopha isitolo othenga udlele kuso.

¹⁷⁷ Kodwa nizovumela udeveli ahlokoloze amatelevishini amadala angcolile futhi ahlohle izinto zehle entanyeni yakho, futhi uyigwinye; akwenze ugqoke izingubo ezindala ezingcolile, laba besifazane, lezi zingubo ezindala ezimpintshayo njengesosishi elihlutshuliwe, futhi ahambe phandle lapha esitaladini kanjalo. Futhi uyazi, dadewethu, angikusho lokho ukwenza ihlaya. Awungizwa kahle.

¹⁷⁸ Lalelani. Ngisho lokhu. Niziphatha kanjalo, futhi ngoSuku lokwaHlulela niyobalwa njengesiphingi. Kunjalo. UJesu wathi, "Obuka owesifazane amkhanukele usephingile naye enhliziyweni yakhe." Futhi uma lesi soni sifanele siphendule ngokuphinga, ngubani na? Nguwe. Ubani owakubangela na? Nguwe. Kunjalo. Uma uzibeka phandle lapho, ukuba ubukeke phambi kwamadoda, ukuba njengezwe futhi ugqokise okwezwe.

¹⁷⁹ Ngasho lokho ngesinye isikhathi, futhi owesifazane, uLouisville, eKentucky, wathi, "Awu, lalela lapha, Mnu. Branham. Ngizokunika ukuba uqonde khona manje!"

Ngathi, "Yebo, mam?"

Wathi, "Yilolo hlobo kuphela lamalokwe abalwenzayo."

Ngathi, "Benza imishini yokuthunga futhi bathengise izimpahla."

¹⁸⁰ Kungenxa yokuthi uyafuna ukukwenza. Kukhona okungahambi kahle kuwe. Kunjalo impela. Ukwenza hhayi ngoba kuyimfashini. Ukwenza hhayi ngoba umele ukwenze. Ukwenza ngoba ufuna.

¹⁸¹ Ubhema ngoba uyafuna. Awudingekile ukuba ukwenze. Ngicabanga ukuthi into ewubulima kunazo zonke engake ngazibona kwakungowesifazane ehamba esitaladini, njengoba nibona wonke umuntu, imoto, nalabo sikilidi phezulu phakathi kweminwe yabo. Ngani, yihlazo. Lowo ngumnyakazo wentatheli

ebhalela iphephandaba yesihlanu enkulu kunayo yonke esinayo esizweni, lapho odokotela nesayensi yezokwelapha ithi sigcwele umdlavuzo nakho konke okunye. Futhi bayayimunca, ngaso sonke isikhathi.

¹⁸² Ubona owesifazane, ofanelwe ukuba ngumKristu, azelule lapho osebeni, nokuhlamba okuxubene, efake isudu yokuhlamba, ezelule lapho. Nginamantombazane amabili. Angisho ukuthi ngeke akwenze. Athi athola isigcaki selanga. Bayothola isigcaki sendodana uma ngiphila. Kuzoba yindodana *yalokhu*. Niyabo? Kuyoba yindodana kaMnu. Branham, nebhodi elide *kangako*. Ngikholwa ukuthi akulungile.

¹⁸³ Khona-ke sizibiza thina, “O, siyilungu lebandla lePentecostal.” O, ngiyanidabukela! Kunjalo. Ibandla lePentecostal lidinga ukuhlanzwa, kusukela le phambili kuya emuva, nasegumbini elingaphansi lokubeka izinto nasesitezi esingaphansi, nasesitezi esiphezulu. Kunjalo. Futhi nokho, kukho konke, ngokungcono kunakho konke esinakho. Kodwa kungakwazi . . .

¹⁸⁴ Njengasembhedukazweni nangesikhathi sikaJoan of Arc, iFrance yayidinga umbhedukazwe, ngakho-ke badinga ukulwisana nombhedukazwe ukuqondisa ezinye zezinto ababevukelana ngazo.

¹⁸⁵ Futhi ibandla lePentecostal lidinga umbhedukazwe. Kunjalo. Impela liyadinga. Ukuvukela izinto ezingalungile, futhi lamukele izinto ezilungile, amen, umbhaphathizo ofreshi kaMoya oNgcwele: “Ibandla ukuba lizilungiselele!”

¹⁸⁶ Khumbulani, akusoze kube . . . Ungeke uthi, “Awu, manje, ngingowaleli, i-Assemblies. NgingoFoursquare, noma iChurch of God, noma iJesus Name,” noma—noma yiliphi lamanye awo. Qha! Ungeke ungene kunoma yiliphi lawo.

¹⁸⁷ UNkulunkulu ukubiza njengomuntu ngamunye. Futhi nguwe ofanele uhlanze, ngoba, “Ukhipha abantu kwabeZizwe, ngenxa yeGama laKhe, uMlobokazi waKhe, abeZizwe.”

¹⁸⁸ U-Esteri wazihlanza. Wahlanza inhliziyo yakhe. Yilokho akuhlanza. Yilokho ibandla elikudingayo: ukuhlanzwa kwenhliziyo.

“Uyihlanza kanjani inhliziyo yakho, Mfowethu Branham na?”

¹⁸⁹ “‘Ngihlanziwe ngamanzi eZwi,’ ngeGazi likaJesu Kristu.”

¹⁹⁰ IBhayibheli lathi akulungile kowesifazane ukuba aziphathe ngaleyo ndlela, nokuthi amadoda abavumele bakwenze. Lokho yini nobabili. Indoda eyovumela owesifazane wayo aphumele esitaladini ehambaze, egqoke izingubo ezinjalo, nginezinhlonipho ezincane ngayo iyindoda ngisho. Ingumdlwane. Kunjalo. Uyisebenzisa njengemfaduko. Ngiyakudabukela. Benifanele nibe ngamadoda.

¹⁹¹ Futhi umelusi ozovumela ibandla lakhe lizidlulele ngezinto ezinjalo, ngaphandle kokuqhumisa itiyela liphume kukho lisuke epulpiti. Uyisitabane. Esikudingayo ngamadoda, iVangeli, hhayi enamaglavu enjoloba, kodwa anamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ngeZwi. IBhayibheli lithi lezi zinto azilungile. Akulungile ukuthi abantu benze ngaleyondlela, ukuziphatha ngaleyondlela. Bekufanele kushunyayelwe, futhi kuphilwe, futhi ndawo zonke. Noma, ibandla lidinga ukuhlanjululwa, ukuhlanzwa.

¹⁹² U-Esteri wahlambulula inhliziyo yakhe phambi kukaNkulunkulu, wahamba wakhuphuka ngomnene nomoya othobekile; iBandla elizoba uMlobokazi kaKristu. Manje, khumbulani, u-Esteri wakwenqaba ukuhloba kwezwe. Wafaka uMoya enhliziyweni yakhe, ukuya phambi kwenkosi.

¹⁹³ Futhi owesifazane namhlanje, ibandla elicabanga ukuthi lizongena ngoba linezinombolo eziningi, liyisigejane esigqoka ukwedlula zonke, linenhlangano enkulu kunazo zonke, ibandla eliwedlula onke edolobheni, nezinto ezinjengalokho, nizokugeja ngamamayela ayizigidi uma wencike kulokho.

¹⁹⁴ Ngomnandi, onomusa, umoya onenhlonipho eZwini likaNkulunkulu, “ngahlanzwa ngamanzi eZwi,” neZwi ngaphakathi kuwe. Kuyinto yokugeza. Amen. Ibandla lidinga ukugeza, ukugeza kweVangeli eligcwele. Kunjalo. Hhayi nje ingxenye yokugeza, kepha ukuhlanza kweVangeli eligcwele, lihlanziwe, “senziwe izidalwa ezintsha kuKristu Jesu.”

¹⁹⁵ UMlobokazi kaJesu awusiye umlobokazi ongcolile. Ubengeke abe nowaKhe uncolile, uMlobokazi.

¹⁹⁶ Uma owesifazane eqhamuka ukuba ashade, futhi wayebukeka sengathi uzophuma esibayeni sezingulube ngaphandle lapho; indoda enayinoma yisiphi isithunzi ngayo, ibingeke ishadelwe nguye. Ibizomenza ahlanzeke.

¹⁹⁷ Futhi uma ibandla likaKristu liqhamuka ukuba lishade, licabanga ukuthi lizongena kuMlobokazi, nalo lonke izwe liqhaselwe kuye, uMlobokazi kaKristu angeke abe njalo. Qhabo, mnumzane.

Ngifanele ngiphuthume.

¹⁹⁸ Kanjalo neBandla likaKristu, leNkosi uJesu Kristu, leloBandla alisilo iBandla elimahhadlahhadla, nalo, nezingubo ezigugile zamahlelo. Akadingeki ukuba abe yilungu lehlelo elithile elikhulu. Ufanele ahlanzwe ngeGazi, athengwe ngeGazi. Hhayi ukuthi singabebandla elikhulu kunawo wonke, inhlangano enkulu kunazo zonke, noma *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Ufanele abe msulwa, angcweliswe, abengcwele, engenabala noma umbimbi, ngeGazi loMsindisi wakhe—wakhe, uJesu Kristu.

199 Njengo-Esteri, uMuntu ofihliwe enhliziyweni, uMuntu ofihliwe, ubumnene nobubele bukaMoya kaNkulunkulu, enhliziyweni yomuntu; hhayi inkazimulo nesigaba sezwe.

200 Bengihlale ngisho ukuthi izwe liyabenezela; iVangeli liyakhazimula. O, kungukwahlukana izigidi zamamayela. IHollywood iyabenezela; iBandla likaKristu liyakhazimula ngothando, nokuthamba, nobumnandi, umusa. Kunjalo.

201 U-Esteri akafunanga ukuhloba ngaso sonke isembatho sesimanje-manje sezwe. Lokho kwakungeke kubukeke njengenkosikazi yenkosi.

202 Futhi ngabe thina, sifuna ukufana nezwe, futhi ngabe lokho bekuyobukeka njengeNkosikazi yeNdoda eNgcwele na? Thina, njengeBandla likaNkulunkulu ophilayo, sizihlobisa ngezinto zezwe, bese-ke sibukeke njengoNkosikazi yeNdoda eNgcwele na? Ngabe lokho bekungabukeka kungokwemvelo na?

203 Uma ubone indoda namhlanje, efanele ukuba yindoda engcwele; nakhu kuza kwehla umkayo, njengendlunkulu, okunye kwalokho kwenza izinwele okukhulu ngaphandle *kanje*; nezinto ezibomvu ngakolunye uhlangothi, nezinto eziluhlaza sasibhakabhaka ngakolunye uhlangothi, futhi—futhi abukeke sengathi ubeshaywe emlonyeni ngebhulashi yokupenda; nalolonke loluhlobo lwezinto olunjalo, ehamba ehla isitaladi, ezingubeni zokugqoka ezincane ezimpintsha okwesosishi ezinjalo; namaqhoksi amade *kangako*, etshikiza ngapho, ezimpintshile ehla ngesitaladi, bese uthi, “Lowo ngunkosikasi wendoda engcwele”? Angixoxi wona amahlaya. Ngenza izitatimende kuphela.

204 Ngiza komunye weminyakazo yethu emikhulu yePentecostal, lapha esikhathini esingeside esedlule. Ngangixumeke itende. Futhi umelusi wathi kimi, wathi, “Umkami ungumshayi we-ogani.”

Ngathi, “Lokho kuhle, mfowethu.”

“Awunankinga naye edlala na?”

Ngathi, “Qhabo. Qhabo, mnumzane. Ngiqinisekile anginankinga.”

205 Futhi waya kumphathi. Umphathi wathi, uMfowethu Baxter, wathi, “Lokho kulungile.”

206 Wathi, “Mfowethu Branham, woza ngapha. Ngifuna ukuthi uhlangane nomkami.” Futhi ngaya ngalapho.

207 Ngicela ningithethelele. Niyabo? Angizami, ukusenza u—ukuphawula. Ngizama ukwenza isitatimende. Niyabo?

208 Futhi owesifazane wayenokunye kwalokhu lapha ukugcoba izinzipho. Angazi. Lezo zinto, niyazi, konke kulungisiwe, futhi angikaze ngibone okunjalo empilweni yami; nelokwe elalinjalo ukwehla phakathi *lapha*, kungekho mhlane kulo,

futhi kungekho nayiyiphi inkinobho kulo impela. Futhi a—angikaze ngibone ukubukeka okunjalo empilweni yami. Futhi wayemakhulu kakhulu amacici elenga phansi *kanje*, futhi efake nenqwaba eningi yezinto.

²⁰⁹ Futhi ngaqalaza. Ngacabanga, “O, mina!” NgingumBaptisti, futhi ngazi kangcono kunalokho. Ngabheka futhi. Ngathi. . .

²¹⁰ Manje, ngiyacela, lokhu akusilona ihlaya. Kodwa ngadingeka ngikusho kumfowethu, futhi ngethemba ukuthi kwamsiza. Ngingakusho ukuba ngehluke; uma ngakwenza, ngangingumzenzisi, niyabo, kuyadingeka ukuba ngihlanzwe, mina ngokwami.

Ngathi, “Mnumzane, ngabe uthe unkosikazi wakho ubengongcwele na?”

Wathi, “O, yebo.”

²¹¹ Ngathi, “Ubukake engesiye, kimi.” Ngathi, “A—angikaze ngibone lokho ukubukeka okunje empilweni yami, njengonkosikazi womfundisi. Lokho akubukeki njengonkosikazi wendoda engcwele.”

²¹² Futhi kanjalo nebandla likaNkulunkulu ophilayo, lencike emfashinini yakhe, amaphathi akhe etiyey, namaphathi okuluthana, nemidlalo yamakhadi, nemidanso, nenhlaliswano, ukuzihlobisa kanjalo, nezwe, kubukeka njengoMlobokazi kaNkulunkulu oNgcwele. Lapho ebhema osikilidi, nemidanso, namaphathi, nezidlo zakusihlwa zesobho, nokuphuza iziphuzo ezixutshiwe, nakho konke okunjalo, futhi bathi banguMlobokazi kaKristu na? Akubukeki njengoNkosikazi weNdoda eNgcwele, kimi. Qhabo, mnumzane. Ubengeke akhethe into enjalo. Uyothola owesifazane owayelungile, obukeka njengalokho Ayezama ukukumelela. Ngikholwa ukuthi lelo yiqiniso. Lokho kungahle kulimaze kancanyane.

²¹³ Umama wami omdala waseningizimu ongasekho. Ngesikhathi ngisengumfanyana, sasivamise ukuba ne... Sasingenalutho ukuludla, kanzima, futhi sasinophizi onehlo elimnyama nesinkwa sommbila. Angazi noma niyazi ukuthi ziyini noma qhabo. Ngakho sasingenakho... Wayengenagrisi unyaka wonke, futhi sasiyocishe impela sidingeke sithathe ipani elidala elikhulu *kanjalo*, futhi sifake izikhumba zenyama kulo. Sasi thola lapho beyozisika khona, noma izilaha zazisika zisuse inyama bese zisinika isikhumba. Futhi sasizikhama, ukuthola ugrisi, bese siwathulula phezu lwalapho.

²¹⁴ Njalo ngoMgqibelo ebusuku, umama wathi sasidinga umthamo kakhasta oyela. Futhi a—angikwazi ukumela izinto ngisho namanje. Futhi ngiyodingeka ngiyithathe. Ngangiza kuye, ngibambe ikhala lami *kanje*. Ngiyothi, “Mama, a—angikwazi nje ukuwuthatha.” Ngathi, “Ungenza ngigule kakhulu.”

Wathi, “Uma kungakwenzi ugule, akukusizi ngalutho.”

²¹⁵ Ngakho ngicabanga ukuthi yileyondlela ngokushumayela iVangeli. Uma lingakushukumisi kancanyanyana, thola okwakho...uzwe ukuphekwa nokuphakwa kwezibiliboco kwakho kokomoya kuqale kahle, kukwenza ugule kancane, ukuzihlola wena uqobo ngeBhayibheli: ubone uma lololaka oludala, nobugovu, ukungabi ngewe, uthando lwezwe, itelevishini, nezinto ebusuku; futhi ushiye indlu yokukhonzela ingahleli muntu, futhi izihlalo zasesontweni zingahleli muntu. Lapho, ubufanele ube phandle lapho njengoJesu, unoMoya waKhe kuwe, uzama ukuthola wonke umuntu ezweni ukuba eze ebandleni lakho, ukuba amukele uKristu. Futhi sizibiza thina uqobo khona-ke ngoMlobokazi kaKristu na? O, ihlazo elinje pho, mngane!

²¹⁶ Ihora selifikile. “UMlobokazi waKhe uzilungiselele.” O! “Uzilungiselele.” Wabeka eceleni zonke lezi zinto. Khumbula, U-Esteri wayengokhethiwe, kanti abanye baliwa. Futhi yilabo kuphela abazelwe ngokusha, onoMoya kaNkulunkulu, ozoba ngoKhethiwo ngalolo Suku, lowo umqhele wenkazimulo uzobekwa phezu kwekhanda laKhe. Futhi abanye bazokwaliwa.

²¹⁷ Ake nginitshele into encane eyenzekile. Ngi—ngi, ngiyisithunywa senkolo, njengoba nazi, ngenza umsebenzi wobuvangeli, umsebenzi wobuthunywa benkolo, cishe kasikhombisa phesheya kwezilwandle, emhlabeni jikelele. Lapha, kungekudala, edolobheni laseRoma, iRoma yidolobha elikhulu lezobuciko. Futhi babenesikole sezobuciko lapho, futhi iningana labahlobo bethu abasebasha baseMelika bawela ngale minyaka yonke, ukuthatha uqeqesho lonyaka noma emibili kwezobuciko, ukufunda ukudweba izithombe. Kwakuneqembu labaseMelika abasebasha abeza ngapha, eminyakeni embalwa edlule, njengoba indaba yatshelwa mina. Futhi lapho sebewezele ngapho, bavele baxhwanguze. Ngenkathi beseRoma, benza njengoba kwenza iRoma: baphume futhi baphuze, futhi bazihhundule, nakho konke okunye, futhi beqhubeka, kokubili abafana namantombazana.

²¹⁸ Futhi kwakukhona isikole esithile. Futhi kulesi sikole, leli—leli qembu labasebasha baseMelika lafika. Futhi ngamunye wabo, cishe impela, wenza into efanayo. Kodwa intombazanyana eyodwa ethile, yayingeke ikubekezelele, nhlobo. Yayihlala ngaphakathi. Ngesikhathi sasebusuku, yayifunda ngenkathi bonke babesaphumile bephuza. Emini, yayisebenza, ifunde. Awu, yayiyinhlekisa yesikole sonke. Futhi yazigcina njengenenekazi, yaziphathisa okwenenekazi. Nakuba kwakukhona abafana abasebasha abangabaseRoma nakho konke nxazonke, kuzama ukuyithola ukuba iphume, yakwenqaba. Qhabo, mnumzane. Yahlala ngqo nezifundo zayo, ifunda ukudweba, nokupenda, njalo. Futhi yahlala nakho.

219 Ekugcineni, umgcini omdala endaweni wayelokhu eyiqaphelile, ebona ukuthi yayehluke kakhulu kakhulu, nakuba wayengumRoma oKatolika, waqhubeka eyiqaphela, indlela eyayiziphatha ngayo. Ngokunye ukuhlwa, intombazane encane, epaki lapho i—isitudiyo sasikhona, ngani, noma indawo lapho babenesikole khona, yahamba yaphumela enkundleni yekholiji, futhi yenyukela ngasesiqongweni segquma, futhi ilanga lalishona. Futhi yayimi phezulu lapho, nobuso bayo obuhle, ubuso obuhlanzekile, nezinwele zayo zilengela phansi, ibuka ngaphesheya ngaleyondlela ngasekushoneni kwelanga.

220 Umgcini omdala wayehhala ezansi lapho egcekeni. Waqhubeka nokubhekisisa intombazane, lapho ehhala. Kukhona okuthile okwakulokhu kumtshela, “Hamba, ukhulume nayo.” Ngakho wabeka ihhala lakhe phansi, wakhumula isigqoko sakhe esidala esihwathuzelayo, wakhuphukela lapho inekazi elincane lalikhona. Walungisa umphimbo wakhe. Yaphenduka. Wathi, “Uxolo, nkosazana.”

Yathi, “Yebo, mnumzane. Impela.”

221 Futhi waqaphela ukuthi yayikade ikhala. Bonke abanye babephumile besekuzitikeneni okukhulu okobusuku. Wathi, “Medemu, ngithemba ukuthi uyangiqonda ngendlela eyiyo, ukuthi ngizokhuluma nawe nje.” Wathi, “Ubulapha, ngaphezulu phezu kweminyaka emibili manje. Futhi ngiqaphele iqembu ofika nalo, njalo njalo baphandle emaphathini, futhi bengena ngazo zonke izikhathi ebusuku, bedakiwe, nezimpahla zabo zingekho uhhafu kubo, nakho konke. Kodwa ngiphawulile ukuthi awuwahambeli amaphathi anjalo.” Futhi wathi, “Ngi—ngiyaphawula ukuthi, kubonakala sengathi, ukuthi uhlale ubheka ngaphesheya kolwandle. Ngokuhlwa, ukhuphukela lapha, futhi ume lapha njalo kusihlwa, futhi ubhekisise ilanga lishona.” Wayesethi, “Yini, yini ebangela lokho na?” Wathi, “Ngiyikhehla. Futhi ngi—ngishisekele ukwazi ukuthi yini ebangela lomehluko phakathi kwakho nabanye.”

222 Yathi, “Yebo, mnumzane.” Yathi, “Mnumzane, ngibheke ngasekhaya lapho ilanga lishona.” Yathi, “Ngaphesheya, ngaleya kwalelo langa ngaphasheya yizwe lakithi lendabuko.” Futhi yathi, “Kulelozwe kunezwe elithile. Futhi kulelozwe elithile kukhona idolobha elithile. Futhi kulelo dolobha elithize yindlu ethile. Futhi kuleyondlu umfana othize.” Yathi, “Yena, futhi, ungumdwebi. Ngenkathi ngishiya, ukuba ngize ngapha, ngathembisa ngothando lwami kuye. Sithembisene.”

223 Futhi yathi, “Akunandaba ukuthi noma yimuphi wabo wenzani, lokho akuhlanganise lutho nami.” Yathi, “Ngathembisa ukuphila ngokwethembeka futhi kahle.” Futhi yathi, “Ngilangazelela usuku lapho ngizizwa ngiphezu kwamaphiko aleyo ndiza enkulu eyongiwelisa ulwandle futhi ingibeke phansi esikhumulweni sezindiza lapho eyohlangana

khona nami. Wakha ikhaya, futhi sizohlala ndawonye kulelozwe.”

²²⁴ Futhi yathi, “Yingaleso sizathu ngiziphatha ngendlela engenza ngayo. Ngethembekile esithembisweni engasenza kumfana. Futhi uthembekile esithembisweni asenza kimi.” Yathi, “Ngizwa ngaye, njalo njalo, futhi ngiyambhalela, futhi,” yathi, “siyaphendulana. Sisabambe izifungo zethu, silinde usuku esihlangana ngalo.”

²²⁵ O, lokho bekungamenzelani umKristu wangempela, ukuba aqhele ezintweni zezwe. Futhi ngelinye ilanga, ukhuluma ngokungena echwebeni, emaphikweni eJuba! Ufikela uMlobokazi, lowo ongakhohlisani nezwe noma izinto zezwe. Uhlanzwe eGazini leWundlu. Wathembisa ngothando lwaKhe—lwaKhe kuYe kuphela. Uthando lwezwe alusekho lwafa kuYe. “Umshado weWundlu usufikile, futhi uMlobokazi waKhe uZilungiselele.”

Ake sicabange ngakho ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje.

²²⁶ Ngolunye usuku, njengoba ngibheke ngasekushoneni kwelanga, nami futhi, eminyakeni engamashumi amathathu nanye edlule, ngenza isithembiso koLowo engangimthanda, uthando lwami lonke kuYe. Bengihlale njalo ngizama ukubambalela kuYe neZwi laKhe, nomaphi lapho ngiya khona. Ngiyazi kunabangingi abanye abaningi abahlezi phakathi lapha, kanjalo, belinde usuku lapho umkhumbi omdala waseZiyoni uyakufika ungene echwebeni, uthathe imiphefumulo yethu bese usingenise eBukhoneni baKhe Esimthandayo futhi sathembisa ngothando lwethu kuye.

²²⁷ Kungenzeka kubekhona abanye phakathi lapha kulobubusuku, ongakaze asenze leso sithembiso. Kungenzeka kube khona abanye osenzile futhi wasephula. Uma ukuleso simo kulobubusuku, mngani, kungani ungabuyi nje kulobubusuku futhi uvuselele isithembiso sakho na? Uma ungazange, usenze. Kungani ungezi futhi usenze kulobubusuku na? Uthi, “Nkosi Jesu, ngiyaKuthanda.”

²²⁸ Khumbula, uma usuvele ususenzile isithembiso sakho, futhi usazixubanisa nezinto zezwe, uJesu ngeke abe nomlobokazi onjalo. Yena ngeke abe nalowo ophingayo. Lonke uthando lwakho lufanele lube kuYe. Futhi uma uthanda izinto zezwe, nezimfashini zalelizwe, kangcono kunokuba uthanda uNkulunkulu, khona-ke awukazilungiseleli.

²²⁹ Ngabe lowo muntu uphakathi lapha kulobubusuku, ngenkathi sisenamakhanda ethu ekhothame, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, ngikhulekele. Ngiyafuna ukuba ngaleyo ndlela. Ng—ngiyafuna ukuba yingxenywe yoMlobokazi. Futhi ngiyazi ukuthi ngenza izinto engingafanele ngizenze. Ngikhulekele”? UNkulunkulu

akubusise, dadewethu ongumNdiya. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Nawe, mfowethu. Nawe, mfowethu. Ukhona omunye na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Ngi—ngi—ngi—ngiyazi ukuthi angilungile.”

²³⁰ Manje yiba qotho ngawe uqobo. Bheka emuva empilweni yakho. Uzomele ubheke emuva ngaphambi kokuba uqhubekele phambili. Bheka lokho obuyikho. Bheka lokho umoya onawo okwenze wakwenza. Uma ungazange... Uma uzisho ukuthi ungumKristu, futhi namanje usazixubanisa nezinto zezwe, mfowethu, dadewethu, ungakwenza kanjani kodwa ube yimpumpu the uma ungaboni ukuthi awulungile na?

²³¹ Omunye washo ngolunye usuku, wathi, “Mfowethu Branham, ubufanele ushiye abantu kanjalo.” Wathi, “Abantu bakubiza ngomprofethi.”

Ngathi, “Angisiyena umprofethi.”

²³² Wathi, “Kodwa abantu bacabanga ukuthi unguye. Ubufanele ufundise laba besifazane. Esikhundleni sokubatshele ukuthi babe nezinwele ezinde nohlobo olufanele lwezingubo zokugqoka nezinto ezinjalo, ubufanele ubatshele ukuthi zitholwa kanjani izinto zokomoya.”

²³³ Ngathi, “Ngingabafundisa kanjani i-alijebra, lapho bengenakuthatha ngisho o-ABC, isikole sabantwana abancane abangakwazi ukufunda na? Abanakho ngisho ukuziphatha kahle okuvamile ukuba bazihlanze, ukubiza, ‘UMlobokazi kaKristu!’” Angikusho lokho ngokushesha ukucanuka. Ngisho lokho ngothando lobuNkulunkulu.

²³⁴ Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, uma ngikubona wehla ngomfula esikebheni, futhi ngibona ukuthi uzoshaya izimpophoma, leso sikebhe ngeke sikuthathe, mina ngikumemeza kakhulu futhi ngikumpopolozela, angizami ukukulimaza. Ngiyakuthanda. Ngoba, uma ungakwenzi, uzolahlekelwa impilo yakho.

²³⁵ Ngabe ukhona omunye, phakamisa izandla zabo ngaphambi kokuba sikhuleke na? Ngiyakubona, emuva laphaya. UNkulunkulu akubusise, nawe, wena. Uyazi ukuthi impilo yakho ibonisa ukuthi awulungile. Usalithanda izwe ngaphezu kukaNkulunkulu, khona-ke kukhona into engalungile ndawo ndawo. Zibheke. Ngaphandle emagumbini laphaya, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise. Nkulunkulu... Kunjalo. Ubuqotho buya ekulungeni, ngi—ngiyabazisa ubuqotho.

²³⁶ Yilokho okuyinkathazo ngebandla lamaPentecostal namhlanje. Asikakabinabo lobo buqotho bangempela esasivame ukuba nabo. Asikakabi baso isibindi ukuba—ukuba size futhi sisho lokho, sivume ukuthi asilungile. Udeveli uele walibamba nje ibandla kuze kube yilapho libhuquza enkucunkucwini yezwe. Ningakwenzi lokho.

237 Ukuphila kwakho siqu kufakazisa ukuthi awukakabi nakho lokho othi unakho. Khona-ke kungani ungavumi na? “Lowo oyovuma isono sakhe uyoxolelwa: lowo ofihla isono sakhe akayikuphumelela.” Awukwazi ukusifihla. UNkulunkulu wazi konke ngakho. Futhi uma ubona futhi wazi ukuthi awuphili ngokuyikho, khona-ke kungani ungavumi, futhi uphume futhi uvumele ukuthi kucace na?

238 “Ezinye izono zabantu zihamba phambi kwabo; ezinye ziyalandela.” Makuthi ezami zihambe ngaphambili. Mangisho zonke ezami manje. Makuthi uNkulunkulu akulungise. Yilokho lokho ebefanele sikwenze.

239 Sekube nezandla cishe eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili ziphakama. Lapho ngokuqinisekile zingaphezu kwalokho kulelibandla elincane, kulobubusuku, labantu abayikhulu noma amabili lapha, noma mhlawumbe ikhulu namashumi amahlanu. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Manje, uNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, ndodana. Lokho kuhle.

240 [Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.] . . . abesifazane be-costal babevamise ukungazigundi izinwele zabo, kodwa bayakwenza namhlanje. Kwenzakaleni na? Babejwayele ukungenzi . . . bafake—bazipende. Umama wakho akakwenzanga, uma wayengumpentekoste. Kwenzakaleni namhlanje na? Ngoba bazibhixa ezintweni zezwe. Futhi izwe liyasibuka. Sizisho ukuthi siyiBandla lobungcwele. Yini indaba na? Asibukeki njengoMlobokazi kaKristu. Ngani madoda phandle lapho, into efanayo. Mfowethu, ngiyakudabukela.

241 Baba waseZulwini, uma ngibheka ngaphesheya, futhi ngenze ukubizela e-altare ngendlela enjengaleyo, ukusola, ukuhlakaza, kubonakala sengathi kuyindluzula. Kodwa ngaphakathi kwami ngukopha, lapho ngazi ukuthi sisondele ekupheleni. Lezi zikebhe ezincane zizoqhekeka, ngolunye lwalezi zinsuku. Ukufa kuzogadla, nemishikashika. Futhi sekuyizikhathi ezingaki ngibizwe wuhlangothi lwabo, futhi ngibezwe bethi, “O, Mfowethu Branham, ukuba kuphela bengingakuphila futhi.” Khona-ke, ngenkathi laba besengakwazi, Nkosi, ukuba bakulungise!

242 Ngizama konke okusemandleni ami. Nkulunkulu, kwangathi uMoya oNgcwele angakwembulela abantu, ukuthi kuphela ngizama nje ukubasiza, hhayi ukubathethisa. Kodwa, njengoba uPawulu washo, wasendulo! Nkulunkulu, angifuni ukuba balimale, kodwa ngifuna ukubalimaza ngokwanele ukuthi bazobona lapho benephutha khona.

243 Ngiyakhuleka ukuthi Uzopha, kulobubusuku, laba bantu, abaphakamise izandla zabo, ngisho nane—nanezinhlonipho ezanele uku—ukuqonda, phambi kukaNkulunkulu, ukuthi

banephutha, futhi bafuna ukuba kahle. “Funani, nizakufumana. Ngqongqothani, niyavulelwa.” Kodwa uma ungalokothi unqongqothe, Uzovula kanjani na? Awulokothi ufune, uzofumana kanjani na?

²⁴⁴ Makuthi uMoya oNgcwele, Nkosi, ulethe laba bantu ekuzinikezeleni okugcwele kuNkulunkulu, kulobubusuku. Kwangathi uBaba omkhulu weNkosi yethu uJesu Kristu angabangcwelisa, umphefumulo, umzimba, nomoya, futhi ababeke eMzimbeni weNkosi uJesu Kristu. “Ngokuba umshado weWundlu ususondele, noMlobokazi waKhe uzilungiselele.” O Nkosi, kwangathi lobu kungaba ubusuku bokulungiselela, ngoba kusasa kungahle kube usuku esihlangana naYe ngalo. Asazi ukuthi hora lini esiyobizwa ngalo ukuba sihlangani naYe. Siphe khona, Nkosi.

²⁴⁵ Manje sisakhuleka, futhi ninamakhanda enu egebile. Wonke kini ophakamise isandla sakho, uma uqotho ngokujulile ngalokho, futhi ukusho ngempela, futhi awunamahloni ukuvumela abantu bazi ukuthi kade usephutheni! Uzodingeka ume nabo lapho ekwaHlulelweni, noma kanjani. Futhi uNkulunkulu ubeke ukulahlwa ngecala okwanele kuwe, ukuthi uyazi ukuthi usephutheni.

²⁴⁶ Lapha esikhathini esithile esidlule, ngangishumayela into fana nalokho. Ngakuhluma enenekazini eliselincane limi emuva lapho. Lalibukeka lesabeka, indodakazi yomfundisi. Futhi lahlangani nami ngaphandle kwendlu yokukhonzela, futhi uma lingangikamanga ngehla! Lathi, “Wenanto engazi into.” Encane, ihlongandlebe, izindebe ezipendiwe; ezimfushane, izinwele eziphunguliwe. Lathi, “Uma ngifuna othile akhulume nami ngalokho, ngizothola umuntu onomqondo othile.” Lathi, “Ungalokothi ungene epulpiti likababa wami futhi ushumayele into enjengaleyo futhi.”

²⁴⁷ Ngathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi, ubabayi wakho, umshumayeli weBaptisti olungile oqotho njengoba enjalo, futhi angeshumayele amelane nalokho na?”

Lathi, “Akakuqashanga ukuba uze lapha . . .”

Ngathi, “Akangiqashanga, nhlobo. Ngiza ngesimemo.”

Lathi, “Angisoze ngakuthethelela ngakho.”

²⁴⁸ Ngathi, “Lokho kukuwe. Bengilandela iVangeli kuphela.” Izihlahla zembali zaziphephuka lapho emoyeni ovunguzayo omncane. Intombi ehle.

²⁴⁹ Emuva kancanyane, cishe ngemva konyaka, ngadlula edolobheni. Ngabona lelonenekazi elincane elifanayo neziketi zalo zilengela phansi, libhema usikilidi, lehla ngestaladi. Ngacabanga, “Lowo ngunkosikazi kaMfowethu *S'bani-bani*, noma, indodakazi.” Ngahamba nganqamula istaladi, ngibona ukuthi uma ngingafinyelela kulo.

250 Labheka phezulu kimi, libhema losikilidi, lawufuqa ngekhala lalo. Lathi, “Helo, mshumayeli,” ulwimi lwesitsotsi olungenakumesaba uNkulunkulu kukho, kanjalo.

Ngathi, “Awu, awu!”

Lathi, “Donsa kanye kusikilidi wami. Yiba yindoda.”

Ngathi, “Awunamahloni ngawe na?”

251 Lafinyelela phansi ebhokisini lekhikhi, lathi, “Khona-ke thatha usikilidi.”

252 Ngathi, “Ngiyakudabukela. Ngiyakudabukela, ukuba unike inceku kaNkulunkulu usikilidi.”

Lathi, “Khona-ke mhlawumbe uzophuza ebhodleleni lami.”

Ngathi, “Ngicela ungakusho.”

253 Ngalibuka. Angikwazanga ukuzibamba ngingakhali, ngoba ubabayi walo uyindoda elungile. Ngalibuka. Ngacabanga, “O, he! Lalicabanga ukuthi lalinesikhathi esiyinsada.”

254 Ngaqala ukuhamba ngiqhubeka. Angikwazanga ubamba izinyembezi emehlweni ami. Ngahamba ngaqhubeka. Lathi, “Awume umzuzu.”

Ngathi, “Yebo, mem?”

255 Lahlehla. Kwase kucishe kube yihlazo ukukhuluma nalo estaladini, abantu bedlula. Lahamba lenyuka. Lathi, “Uyazi lokho owangitshela khona ngalobo busuku na?”

Ngathi, “Ngiyohlala ngikukhumbula.”

256 Lathi, “Ngifuna ukukutshela, mshumayeli, wawuqinisele.” Lathi, “Ngamdabukisa uMoya oNgcwele okokugcina.” Manje, naku ukuphawula owesifazane akwenza kimi, futhi angikukhohlwa neze, inqobo nje ngisaphila. Lathi, “Wayesebenzana nami ngalobusuku. Kodwa,” lathi, “ngenkathi ngiMala ngalesosikhathi, kwakungesami sokugcina.” Lathi, “Inhliziyo yami ibe lukhuni kakhulu; angimkhathalele uNkulunkulu, ibandla, noma lutho olunye. Ngiqualekisa ubabayi wami, nsuku zonke.” Futhi lathi, “Ngiyawubona umphefumulo kamama wami uthoseka esihogweni, njengepanikuku, futhi ngiwuhleke.” Lokhu ngukudabukisa uMoya oNgcwele okokugcina. Kucabange nje.

257 Masiye eKhaya ngamaphiko eJuba. Masibe uMlobokazi. Sukuma esihlalweni sakhomanje, uma ungalungile. Khuphukela lapha. Yima lapha e-altare bese uthi, “Bengingalungile. Mfowethu Branham, nginolaka. Noma, ngi—ngi—ngiphile ngokungamesabi uNkulunkulu. A—angifanele ngenze lezizinto engizenzayo. Mfowethu Branham, ngenze lokhu, lokho, noma okunye. Nginecala ngokuqamba amanga. Nginecala ngokweba. Nginecala ngokuthile. Angizange ngikhonze uNkulunkulu ngendlela engifanele ngenze ngayo, futhi nginamahloni ngami, futhi ngifuna impilo yami ilungiswe.

Ungeke wangikhulekela lapha kulobubusuku, Mfowethu Branham na?" Ngizojabula ukukwenza.

²⁵⁸ Uma uNkulunkulu ezophendula imikhuleko yami, ukuba ezwe abagulayo, izimpumpithe, nabahluphekile, ngokuqinisekile Uzowuzwa umkhuleko wesoni. Ungeze futhi ube yingxenye yoMlobokazi kulobubusuku na? Ngikumema ukuba uze.

²⁵⁹ Ngiyabonga, mfowethu. Ngiyalwazisa lolohlobo lwesibindi, oluzophuma futhi luvume ukuthi usephutheni. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yima khona *lapha*.

²⁶⁰ Uqonde ukungitshela ukuthi, ungaphakamisa isandla sakho futhi ungabiqotho ngakho na? Kwenzekaleni kubantu na? Mfowethu, yini indaba na? Yini indaba ngabantu bakithi ngalolu suku na? Uqonde ukuthi ubuyophakamisa isandla sakho, ukuthi ubusephutheni, bese kuthi-ke ungeze na? Futhi wazi, "Lowo okwaziyo ukwenza okuhle, kepha angakwenzi, kuye ngububi." Ungeke weza na?

Ngenkathi umshayi wopiyano, uma uthanda, dadewethu, mshayi we-ogani, umnyuziki omncane nje.

²⁶¹ Ngiyanimema. Ngifuna ukunibuza. Bangaki kulezi zethameli obesemihlanganweni ngenkathi... Niyazi ukuthi angisiye umshumayeli. Anginamfundo.

²⁶² UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. Lokho kuthatha intombazane yangempela ukwenza lokho. Lelikwaya elincane liza lapha, busiswa, dadewethu. Leso yisibindi sangempela. Ngi-ngiyalazisa lelo nenekazi elincane. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Ngingentombazane encane ekhaya, ethi ayibe ngangeminyaka yenu nonke, uRebekah omncane. Ngiyanithakasela. Intombazane encane engumNdiya na? UNkulunkulu akubusise, s'thandwa, lenkosazane encane. UNkulunkulu abe nawe, s'thandwa. Wena, dadewethu omncane, uNkulunkulu abe nawe. Nanawe, dadewethu.

²⁶³ Manje, buka lapha. Uma amanenekazi asemasha kanjalo, amantombazane amancane, athambile kunembeza; futhi ngishumayele intshumayelo ewasika abe yizijuqu, futhi lapha eza enyukela lapha, azi ukuthi asephutheni, ame lapha ngaphambi kwezethameli ukuba enze ukuvuma. Impela, impela nina besifazane asebekhulile, ningeze na? Nihuphukele lapha, futhi nime ngalapha

... ngingafuna ubuso baKho;
Phulukisa owami olimele, umoya ophukile.

Asilicile.

Ngisindise ngomusa waKho.
Msindisi, Msindisi,
Yizwa...

264 Ngempela uqotho ngokwanele ukukhuleka umkhuleko othobekile. “Biza, Nkosi, ngivivinye, futhi ubone uma kukhona okungalungile ngami.”

Mus’ukungedlula.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo.

265 Bangaki kulo mhlango omile futhi wabona, ezethamelini, abesifazane, amadoda, nabo bonke, beza benyuka ngenkathi ngangimi ngikhulekela abagulayo, noMoya oNgcwele ubatshela izinto, ngezono zabo nezinto, futhi bazi na? Bangaki kini owaziyo ukuthi kuyiqiniso na? Akwehluleki neze. UMoya oNgcwele uyangitshela, lowoMoya oNgcwele ofanayo, ukuthi kukhona into ethize phakathi lapha kulobubusuku eMdabukisayo. Manje, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, hlanganani nakho lapha, noma Lapho.

266 Angisiye umuntu obanjwa amadlingozi. Qhabo, mnumzane. Ngazi kahle impela lapho ngimi khona, futhi ngi—ngiyamazi uNkulunkulu. Kunjalo. Kunabaningi benu odinga ukuba ame khona lapha lapho lamantombazana asemasha ekhona. Manje, ungeze na? Ngiyakumema. Ngeke nganinxusa. Ngiyanitshela nje.

267 Omunye uthu, “Angikaze ngizwe ngokubizelwa e-altare lapho umfundisi esola khona izethameli, ezintweni ezinjalo.”

268 Yileyo ndlela okufanele kwenziwe ngayo. Awuveli nje kwenye indatshana ephula inhliziyo, omunye umama ofayo noma into ethize. Lokho, kungaphansi kwedlingozi. IZwi likaNkulunkulu yilokho oza kukho. Awuzeli ngaphansi kwanoma yimaphi amadlingozi. Uza ukholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, futhi usendlini yokwahlulelwa yeNkosi. Futhi uza, uvuma icala lakho.

269 UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu. Ngifuna ukuxhawula isandla sakho, ngithi ngiyakuthakasela ukulahlwa kwakho yicala okuqotho. Nenekazi elincane, ngiyakuthakasela. UNkulunkulu akubusise. Kwangathi Angakunika lowoMoya oyiqhawe. Busiswa, mfowethu. UNkulunkulu abe nawe.

270 Omunye futhi, khona-ke sizovala. Kungahle kuvale okokugcina, futhi. Niyabo? Angazi ukuthi nini. Ngithemba ukuthi akuvali. Kodwa kungenzeka. Niyabo?

Msindisi . . .

271 Woza lapha, dadewethu. Ngifuna ukuxhawula isandla sakho, ngiyabonga. Ngiyakuthakasela lokho ukukholwa. Lokho kukholwa kwangempela.

272 Woza lapha, mfowethu. Ngifuna ukuxhawula isandla sakho nawe, khona lapha. Ngiyabuthakasela ubuqotho bakho. UNkulunkulu akubusise.

273 Woza lapha. UNkulunkulu akubusise. Ngiyabuthakasela ubuqotho bakho, ukwenza ukumela i . . .

. . . ngedlule.

Msindisi . . .

274 Ini? “Umshado weWundlu usufikile, futhi uMlobokazi waKhe Uzilungiselele.”

. . . ukukhala okuthobekile;

Lapho u . . .

Mus’ukungedlula.

Ini?

Ngithembele kuphela ekufanelekeni kwaKho,
Ngiyakufuna ubuso baKho;
Phulukisa owami olimele, umoya ophukile
(lapho iZwi lisika lingene kuwo),
Ngisindise ngomusa waKho.

Msindisi, Msindisi,

Yizwa ukuthobeka kwami . . .

Lapho Ubabiza abanye,

O, mus’ukungedlula.

275 Khumbula, uMoya oNgcwele yilokho okwasika kwangena enhliziyweni yakho, futhi unyukela lapha. Cabanga nje ngezindawo Azisikayo, futhi lowo muntu akasoze aphile lokho phansi. Bayokukhumbula njalo lokho. “Uma izinhliziyozethu zingasilahli.” Kodwa uma ufika nento ethize eZwini likaNkulunkulu, futhi uyayedlula, leyo akusiyo iNzalo ka-Abrahama. U-Abrahama wagcina isithembiso sikaNkulunkulu enhliziyweni yakhe, kungakhathaleki ukuthi kuzani noma kwahambani.

276 Ngibathakasela bonke laba abami bezungeze i-altare. Umkhuleko ngani, ukuthi uNkulunkulu uzonipha isifiso senhliziyo yenu kulobubusuku, futhi anenze abantu abangcwelisiwe ngokweqiniso.

277 Abanye balaba bafo abasha, nanka amaNdiya, abaseSpeyini, abaseMexico, bonke bemile nxazonke, abantu abaye bazisho ukuthi bangamaKristu, mhlawumbe, iminyaka, kodwa babona ukuthi akulungile. Bafuna ukuba balunge. “Babusisiwe abalambayo futhi bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.” Walahlwa yicala, ukulungele ukulungisana noNkulunkulu, ngama-altare avutha amalangabi okwahlulela kukaNkulunkulu.

278 Kufanele nihlangabezane nakho ndawo ndawo, bangane. Nifanele nihlangabezane nakho ndawo ndawo, ngakho-ke nihlangabezane nakho lapha. Ungalindi kuze kube sekuseni. Ungahle ubulawe kulobubusuku, engozini, uya ekhaya.

279 Maduzane nje emhlanganweni, ngenza ukubizela e-altare, futhi—futhi ngabiza, njengoba kwakunjalo enhla e-Ohio. Futhi

ngalobobusuku, ngashiya isakhiwo, futhi ngikade ngihambile cische imizuzu eyishumi nanhlanu. Ngezwa othile ememeza, ohlangothini lomgwaqo. Ngama, ngawelela lapho. Imoto yayikade yenze ingozi, zashayisana nenye. Futhi owesifazane owayehlezi lapho, enokwethuka kakhulu, wadonsa iringi yakhe, wayethuke kakhulu. Wafa. Futhi wayekhuluma nendodakazi yakhe, emgwaqeni ezansi, ayeshayela kuwo. Babenaye lapho, eselungele isibhedlela. Futhi bobabili kufanele ngabe beza e-altare. Futhi indodakazi yathi, “Mama, izwi lokugcina eyalisho kimi ngaphambi kokuba imoto ishayise, ‘Ngenze okungalungile kulobubusuku. Ngiyazi ukuthi ngikwenzile.’” Futhi lapho impilo yakhe yabizwa.

O, wena uthi, “Lokho ngeke kwenzeke kimi.” Kungenzeka. Kungenzeka.

²⁸⁰ Futhi kungathiwani uma uMoya oNgcwele ungakulahli neze ngecala futhi ukutshela ukuthi usephutheni na? Khona-ke uyophuma ungene ePhakadeni kanjalo. Futhi uyazi, nalolo hlobo lomoya, awukwazi ukukwenza. Mnumzane, bheka emuva empilweni yakho, ubone ukuthi uphile kanjani. Futhi ubheke emuva lapho futhi ubone uma kuyileyo emnandi, impilo ethobekile kaKristu, ihambisana ncamashi nalo lonke iZwi laKhe. Uma kungenjalo, khona-ke woza ulungise. Kukhona...Kungani—kungani uthatha isibambiso, lapho izibhakabhaka zigcwele izibusiso zangempela zepentekoste eziyohlansa inhliziyo yakho, zihlambulule umphefumulo wakho na? Akunjalo lokho na?

²⁸¹ Bangaki abefundisi abaphakathi lapha kulobubusuku na? Ngifuna abanye benu bazalwane ukuba nikhuphukele lapha kanye nathi. Kulungile, mfowethu na? Ya. Khuphukela lapha, uzokwenza yini, umzuzu nje, bazalwane na? Kulungile.

²⁸² UJesu wathi, eZwini laKhe, “Ozwa amaZwi aMi, ekholwe Ngongithumileyo, unokuPhila okuPhakade; akasayi ekulahlweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” UJohane oNgcwele 6 wathi, “Futhi Ngizomvusa futhi ngosuku lokugcina,” uvuko.

²⁸³ Bantu, thina, sifanele simele lokho. Simele sikwenze. Kufanele nje kwenziwe. Ngakho i...Akusilo idlingozi. Amadlingozi ahamba nakho, kusobala. Kunjalo. Kodwa into yakho ingukuthi, yinhliziyo ehlukaniseliwe.

²⁸⁴ Thatha nje iZwi likaNkulunkulu, bese uthi, “Nkulunkulu, ngenze okungalungile. Ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokho. Uyayazi inhliziyo yami. Ngenze okungalungile. Khona lapha phezu kwalemihlabathi, ngivuma iphutha lami. Futhi kusukela kulobubusuku, kuqhubeka, ngithembisene naWe. Ngiyinxenye yoMlobokazi. Angisoze ngenza *lokho* futhi; ngeke neze ngivumele ulaka lushelele futhi. Ngizo—ngizoziphathisa okwenenekazi. Ngizoziphathisa okwengcwabasi. Ngizokwenza

izinto iBhayibheli elithi zenze. NgizoKuthatha khona manje eZwini laKho.” Khona-ke ufinyelela ndawo ndawo.

²⁸⁵ Niyakukholwa lokho, bashumayeli beVangeli na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe lelo yiQiniso na? [“Amen.”] Kulungile.

²⁸⁶ Manje, asikhothamise amakhanda ethu ngomkhuleko manje, nje lowo nalowo kini, ngendlela engeyakho.

²⁸⁷ Khumbula, khona ngqo eceleni kwakho nguKristu. Ngaphambi kwakho, lapha e-altare, kumi amaKristu ekhuleka. Emva kwakho; abefundisi beVangeli bekhuleka. Manje, lokho kukubeka emzweni wendawo yomkhuleko.

²⁸⁸ Manje, ukuvuma kwenu, ezinhliziyweni zenu, ngendlela engeyakho. “Nkosi, ngisephutheni.” [Labo abase-altare bathi, “Nkosi, ngisephutheni.”—Umhl.] “Ngiyaxolisa, Nkosi,” [“Ngiyaxolisa, Nkosi,”] “Ngenze lezi zinto.” [“Ngenze lezi zinto.”] “Manje ngivuma isono sami.” [“Manje ngivuma isono sami.”] “Ngikholwa nguWe.” [“Ngikholwa nguWe.”] “NgiyaKwamukela manje.” [“NgiyaKwamukela manje.”] “Ngifuna ukuba yingxenywe yoMlobokazi.” [“Ngifuna ukuba yingxenywe yoMlobokazi.”] “EGameni likaJesu ngiyakhuleka.” [“EGameni likaJesu ngiyakhuleka.”] Manje, gcina ukuvuma kwakho izono enhliziyweni yakho manje.

Manje ngizonikhulekela.

²⁸⁹ Baba waseZulwini, kungidabukisa kanjani ngezinye izikhathi lapho ngibheka phezu kwabantu abangithandayo, futhi ngibone ukuthi Ulithatha kanjani iZwi bese uLendlala phandle lapho. Lisika nje emnkantsheni wethambo, kodwa-ke uma UFika ngapha ngqo ukuba ukuqinisekise ukuthi kuyiQiniso. LiyiQiniso.

²⁹⁰ Lapha kumi amadoda nabesifazane, ngisho namanenekazi amancane, amantombazanyana emi lapha ekhothathamise amakhanda awo, nezinyembezi emehlweni abo, khona ngqo ezimpambanweni zomgwaqo zokuphila. Ngicabanga lapho bengavuka khona, ezansi lapho kulokho thwista, umculo wokuzibinya, elikhwele ngudeveli, iqembu elicindezelwe idemoni. Nampa, bemi lapha kulobubusuku benezinhliziywo ezikhothame, befuna into ethize abangabeka izandla zabo kuyo, ukuba bathi, “Nkosi Nkulunkulu, ngihlanze kuzo zonke izinto zezwe.”

²⁹¹ Lapha ngamadoda aphakathi nendima, izinsizwa, abesifazane asebekhulile, izintombi, bonke bemi ndawonye. Bavuma ukuthi banephutha. Ukhulume enhliziyweni yabo; bebengeke neze baba lapha. Kubonisa ukuthi bebengekwazi ngisho ukuba baphakame ezihlalweni zabo, ngaphandle kwesinqumo sesenziwe kakade. UMoya kaNkulunkulu ububazungezile, futhi—futhi wathi, “Usephutheni.”

Futhi impilo yabo encane yathi, “Nkosi, khona-ke ngifuna Wena.”

Futhi udeveli wathi, “Hlala unganyakazi.”

²⁹² Kodwa uMoya kaNkulunkulu wathi, “Phakama.” Futhi baye bangena ngokulalela, futhi bami lapha e-altare.

²⁹³ Manje, njengoba ngiKucaphunele iZwi laKho, “Ozoza kiMi, Angiyi kumhlahlela ngaphandle. Nakuba izono zakho zibomvu njengegazi, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; zibomvu tebhu, mhlophe njengewuli. Woza futhi uthenge kiMi, iwayini namafutha. Umusa wami wenele. Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade; futhi akangeni ekwaHlulelweni, kepha udlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Futhi manje umshado weWundlu usufikile, noMlobokazi uZilungiselele.”

²⁹⁴ Baba, bangabaKho. Bayimiqhele yeZwi laKho. Balapha ukuba bagezwe ngamanzi eZwi, ngoba yiVangeli eligwele. Akutholi lutho. Liyanqunywa, uhlale phansi endaweni yenkulisa. Kusiphula izimpande, izimpande zobumunyu, i—i—izimpande zokunganaki, izimpande zezwe. Zisiphule, Nkosi, ngoMoya oNgwele. Zilahlele kude kulaba bantu.

²⁹⁵ Ngibabizela kuWe kulobubusuku, Jesu, njengomcebo waKho uqobo, njengamagugu emqheleni waKho, njengamalungu oMlobokazi waKho. Ngibiza izimpilo zabo. Ngikhuleka ngayo yonke inhliziyoyami, nalaba befundisi, lezi zinceku zikaNkulunkulu ophilayo. Ngikhulekela ukuthi Wena ukususe kubo, Nkosi, izinto zezwe, bese ubanika isibindi sokuma ebusweni bukaSathane. Siphe khona, Nkosi. Sikholwa ukuthi uzokwenza. Wena wathi, “Cela uBaba noma yini ngeGama laMi, Ngiyolwenza.” Manje, Awukaze uthi, “A, mhlawumbe Ngizolwenza.” Wena wathi, “Ngizolwenza.” Futhi ngiyakholwa ukuthi lelo yiqiniso.

²⁹⁶ Manje, kulotshiwe futhi emiBhalweni, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni.” Ngudeveli oyothatha inenekazi eliselincane noma owesifazane, futhi one impilo yakhe. Ngudeveli oyothatha indoda futhi one impilo yayo. Futhi ngizocaphuna lendatshana encane, Nkosi, emkhulekweni wami. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzongizwa, futhi uzophendula umkhuleko wami, ukuthi bonke laba bazobizwa kulobubusuku babe ngamagugu oMbuso. Bazile. Futhi ngidingeka ngiphendule ngamazwi ami kulobubusuku. Futhi lapha beze ukuzoma nami, nokuthatha isikhundla sethu ngasohlangothini lukaKristu.

²⁹⁷ Manje, Sathane, uhluliwe. Ugcine abambalwa babo emuva, kodwa awuyinqobanga impini. UJesu wathi, “Lowo oza kiMi, Angiyikumhlahlela ngaphandle.”

²⁹⁸ Sathane, ngithi kuwe, ukuthi ngolunye usuku kwakukhona umfana omncane owayelusa izimvu zikayise. Futhi kwangena ingonyama futhi yathola enye yazo, yayikhipha,

iyihlukumeza kabi, futhi yayizoyidla. Kodwa lomelusi wezimvu omncane othembekile, wayengenalutho olukhulu ngaphandle kwendwayimane, kodwa wayenokukholwa kuNkulunkulu ophilayo. Walandela leyongonyama, wase eyibamba, futhi wa—wayibulala. Waphakama wamelana nayo, wase eyibamba ngesilevu sayo futhi wayibulala. Wakhhipha imvu emlonyeni wayo, wayibuyisela edlelweni lokuphulukiswa kwayo.

²⁹⁹ Uthathe lezi zimvu eziyigugu zikaNkulunkulu, lamanenekazi, okwakubangele ukuba baphungule izinwele zabo futhi bagcobe izimonyo, futhi babukeke njengezinto iBhayibheli elizilahlayo, futhi wacabanga ukuthi unabo. Kodwa ngiza nalendwayimane encane elula yomkhulelo. Ngibabuyisela emuva kulobubusuku. Awukwazi ukuba usababamba. Uhlulwe yimpi. Lamadoda ayigugu emi lapha, amawundlu kaNkulunkulu, badedele. Siyakuyala, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngibeka phakathi kwalona imikhuba nenhliziyi encane, nokuziphatha okubi noma kungaba yini, ngibeka iGazi likaJesu Kristu, ngokukholwa, phakathi kwabo naleyonto futhi. Negeke usababamba futhi. Basedlelweni likaBaba. Bangabantwana baKhe. Suka kubo. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakuyala.

³⁰⁰ Akukho develi esihogweni ongakuthinta, uma uzokukholwa lokho. Usibekelwe ngeGazi. Uzungezwe ngomkhuleko, abefundisi beVangeli, nezithunywa zesivumelwano, umkhuleko. Ngamunye wenu emi lapha, ukhuphukela lapha, azi ukuthi ube nemikhuba, amaphutha, nezinto obe namahloni ngazo. Uma manje uzokubeka e-altare likaNkulunkulu lethusi lesahlulelo, futhi uzokwamukela manje njengokuxolelwa kwakho, ukuthi uKristu ukunika khona, uzokwenza lowomnikelo ngokukholwa, ukuphakamisa isandla sakho bese uthi, “Ngiyakwamukela manje. Sekuhambile. Futhi kusukela namhlanje kuqhubeke, angisoze ngakwenza futhi”? Usindiswa ngeGazi likaJesu Kristu. Amen. Amen. Makadunyiswe uNkulunkulu.

Ngabe kukhona omunye ongathanda ukuza, ajoyine leli qembu na?

³⁰¹ Ngabe ukhona ogulayo esakhiweni, ongathanda ukuba amele umkhuleko khona ngalesi sikhathi na? Sukuma.

³⁰² Ngifuna ngamunye wenu lapha, uma ungesilo—uma ungesilo ilungu lebandla elithile leVangeli eligcwele, yiya kwelilodwa, leli uma ungakwazi, uma uhlala eduzane nalapha. Tholana nomelusi bese ubhaphathizwa. Futhi-ke uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, khuleka kuNkulunkulu akuphe uMoya oNgcwele futhi akugewalise, akwenze ilungu loMlobokazi.

³⁰³ Qaphelani ngaphesheya lapho, bazalwane, kubantu abagulayo. Udeveli akakwazi ukubamba labo bantu. Lesi yisikhathi sokukhulula. Haleluya! Awukukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu khona-ke senzele umkhuleko.

³⁰⁴ Futhi ngamunye wenu bantu laphaya, onokugula, wena omile, beka izandla zakho komunye nomunye. UJesu Kristu wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Bambani izandla zenu omunye nomunye. Manje, ungazikhulekeli. Khulekela umuntu oseduze obeke izandla zakho kuye, ngoba bakhulekela wena.

Asikhuleke ndawonye manje njengeBandla lamaKristu.

³⁰⁵ Nkosi uJesu, sibonga ngokunqoba kulobubusuku, imiphefumulo iza kuWe. Manje, udeveli upakashe wahamba nezinye zezimvu zaKho, ngokugula. Siza ukuzozibiza. Futhi njengeBandla likaNkulunkulu ophilayo, sikhuza udeveli, futhi sithi, “Dedela laba bantu abagulayo, Sathane. Siyakuyala eGameni likaJesu Kristu, ukuze baphulukiswe.” IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Leso isithembiso sikaNkulunkulu, futhi siyazi ukuthi lelo yiqiniso. Baphulukiswa yimivimbo yeNkosi uJesu Kristu.

³⁰⁶ Manje, uma ukukholwa, phakamisa izandla zakho futhi uMnike udumo. Amen.

³⁰⁷ Kulungile, melusi, konke kungokwakho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kumnandi kakhulu ukuba nawe kulobubusuku. UNkulunkulu abe nani.

UNkulunkulu akubusise, bazalwane lapha.



UMSHADO WEWUNDLU ZUL62-0121E
(The Marriage Of The Lamb)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoJanuwari 21, ngo 1962, eFellowship Tabernakele ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org